Downloaded from Stanmorephysics.com CLICK HERE

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2021

downloaded from stanmorephysics.com

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-28.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:
   Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

downloaded from stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

IZINOMBOLO ZEMIBUZO	AMAMAKI	IKHASI
ISIQEPHU A: INOVELI		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
1. *Ithemba Lami*	35	5
2. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	8
3. *Umshado*	35	10
ISIQEPHU B: UMDLALO		
Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.		
4. *Ababulali Benyathi*	35	13
5. *Icala Kaliboli*	35	17
6. *Isiko Nelungelo*	35	20
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE		
Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.		
7.1 'Imfihlo Kamakoti'	18	23
7.2 'Ilobolo'	17	24
ISIQEPHU D: IZINKONDLO		
Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.		
8.1 'Ungumzali Onjani?'	18	26
8.2 'Inhlansi Yakho Thuli'	17	27

downloaded from stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
NOMA			
B: UMDLALO	4–6	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	8	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Ekufikeni kwakhe ekhaya bahamba nonina baya esayonini uNdebele esasakhe ngaphesheya kwehlokozana elalingezansi komuzi. Bafika silokhu sibabaze njalo isigubhu kuculwa kushaywa isiguqo. Amakhosikazi ayelapho ayesejuluke emanzi te eholwa yiwo ubhebhenene wentshebe onguNdebele. Izithukuthuku zase zehla ngayo kanye intshebe.
Bathi bengena nje endlini wezwakala equbula kakhulu uNdebele *'Grrr ... qiz but I say Jostas Judea City, bhrrr ... hamba moy'omubi.'*
Ngalesi sikhathi kwase kungathi uhamba ezindwanini zotshani enikina amahlombe sengathi kukhona okumsindayo kuwo. Ulimi ayeselukhuluma lapho lwalungasezwakali kahle. USandanezwe wake wathi ukushaywa uvadlwana oluncane esecabanga izinto eziningi eziyaye zishiwo ngabo abathandazi laba. Wayeke ezwe kuthiwa izayoni lezi ziyalumana uma sezivukwe umoya. Wayesenetwetwe ebona nje ukuthi okwakobani ukugevuzwa ngenye indoda ngamazinyo. Ngesikhathi bengena nebandla elalikade lenza **isiguqo** lake lathi ukuma kancane libona ubaba esontwa yimimoya.
'O Jesus! Ngibona idimoni elibi elikhwelele umfowethu lona. Udinga usizo oluphuthumayo ngoba kukhona abamphosayo. Bamthumela indoda emfushane okuyiyona emmunca igazi emzimbeni bese beyasebenza ngalo. Leli gazi lixutshwa nenhlabathi yasemathuneni bese lenza umbhulelo omubi okuyiwona lona omhushayo. *Bhrrr ... Oh Lord ...*!'

1.1 Ngubani isibongo sesayoni esasizobonwa uSandanezwe nonina ngalolu suku? (1)

1.2 Yini eyayenza ukuthi uSandanezwe abe novadlwana ngesikhathi besendlini yesayoni? (2)

1.3 Chaza kafushane ukuthi yini eyayenza uMbuyisa abe nokwethuka nokumangala ngesikhathi ehlola umzimba kaSandanezwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.4 Bhala inhlawulo umnumzane ayinikeza uJiyane ngecala lokuhlanganisela uZabalaza umuthi wokuthakatha indodakazi kaMchunu. (2)

1.5 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uNtshingila angakwazi ukutholela uNonkamfela isitho sangasese somuntu wesifazane kubangcwabi lapho ayesebenza khona? (2)

1.6 Nikeza umoya otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.7 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana.

Ngesikhathi bengena nebandla elalikade lenza **isiguqo** lake lathi ukuma kancane ... (2)

1.8 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

1.9 Ucabanga ukuthi kuyiqiniso yini ukuthi uNomgedla waphambanisa amabhodlela ngesikhathi efakela uNokulindela umuthi wentando ayewunikwe nguZabalaza? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Ngabe isenzo somlingiswa onguSandanezwe sokuqonywa izintombi eziningi ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini siyamukeleka yini kuwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

ISIQESHANA B

Ngalezo zinsuku isifo sengculazi sase sibikwe cishe kulo lonke elaseMzansi ne-Afrika, kwazise phela iningi belisibukela kude okofasimba. Inkinga eyayikhungethe wonke umuntu ukuthi kuthiwe lesi sifo aselapheki, sesehlule ngisho nongoti bamakhambi esilungu. Okwase kwesabisa kakhulu ukuthi kube sagule muntu bese kusolelwa kuso lesi sifo ngoba ngaleso sikhathi nodokotela uqobo babesazihlawumbisela izimpawu zaso.
Umfo kaMbeje ubhukulile ngapha ulwa nokuthola ikhambi lokwelapha uSandanezwe angaze naye abalwe nalo mshungu okuthiwa unesifo esingalapheki njengoba abanye odokotela besebesikaza. Usesabalale ngomcabango wagcina efikelwe umqondo wokuthi athintane nomunye kulaba abasebenza kubangcwabi amxazululele le nkinga. Into efike **ibe yiqatha emphinjeni** ukuthi kazi uyofike athinte bani kubona, yena onjani, futhi ayobe embone ngani ubunjalo bakhe. Wayesamiswe nawukuthi kazi kwandaba leyo uyoyingenisa kanjani kubantu angabejwayele. Wayesaba nokuthi kazi uma enza lokhu uyobe engaziqhwebeli yini ulaka lwabakwasidlodlo. Isigcino nokho waziduduza ngokuthi **imali ayibonaze ilutheze olumanzi**.
Nebala wazidlisa satshanyana umfo kaMbeje efuna ukuthi kazi iyiphi insizwa angahle axhumane nayo kulezi zinsizwa ezisebenza laphaya kubangcwabi edolobheni. Ngenhlanhla washeshe watholana nensizwa yakwaNtshingila eyayihlala eMatshana khona belu eMpangeni.

1.11 Ngokwalesi siqeshana osifundile yisiphi lesi sifo okuthiwa aselapheki? (1)

1.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumbhali emgqeni wesi-7 ukuya kowe-12. (2)

1.13 Nikeza iseluleko esifanayo ubaba kanye nomzala kaSandanezwe abamnika sona mayelana nokwelapha isifo esasimphethe. (2)

1.14 USebenzile ungumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.15 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo ecashunwe kulesi siqeshana esingenhla.

1.15.1 Into efike **ibe yiqatha emphinjeni** ukuthi kazi uyofike athinte bani kubona, yena onjani ... (2)

1.15.2 Isigcino nokho waziduduza ngokuthi **imali ayibonaze ilutheze olumanzi**. (2)

1.16 Isimo senhlalo esitholakala kule noveli sihambisana kanjani nezigameko ezitholakala endabeni? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Phawula ngokuphumelela kombhali ukuveza uSandanezwe njengomlingiswa ongalilahli ithemba uma ebhekene nobunzima empilweni yakhe. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Uthishanhloko walesi sikole kwakunguMgoza, uswahla lwensizwa eyayihamba iqonde. Lwalungafakwa lubuya nodaka. IsiNgisi sasiphuma ngamakhala. Uma uya ehhovisi lakhe, wawuhamba ucula, uhlafunisisa amazwi ozowasho ngesilungu kuyena. Kuyigcokama loqobo. Izingane zakhe uMchunu wazifaka kusona lesi sikole ukuze zingafani naye. UMchunu kwabuye kwadingeka ukuba abuye eMgungundlovu ngoba kwase kuzovulwa iDeli eMdlovana. Kwamsiza kakhulu lokho ngoba kwenza wakwazi ukuhlala nezingane zakhe emzini wakhe omusha. Wafika kulo msebenzi nalo ulwazi lomsebenzi, wayesebekwa ukuba ube umabhalane ehhovisi lakhe.
Lokhu kwamenza waba **nogqozi** lokufunda. Wenza incwadi yeshumi ngoDamelin waphumelela noma kwakungekuhle kakhulu. Emsebenzini wayethembekile zonke izinto zibuzwa kuye njengomuntu owayevele esebenza lo msebenzi eMgungundlovu. Lo mnumzane wayezele izinsizwa ezine nentombazane eyodwa nje vo, yona-ke akazange azihluphe ngokuyifundisa kakhulu. Abafana bona bafunde bonke ngoba omdala uFanyana, wafundela ubuthishela Ongoye wayeseya kofundisa eGoli, kanti omelamayo uMjwayeli yena wafundela ukuba ummeli wayeseyosebenza eThekwini, kanti owesithathu uBheki yena wafundela ukucwaninga amabhuku ezinkampanini ezinkulu, wasebenza eNewcastle, kwase kuthi uthunjana uMduduzi yena washayela izimoto ezinkulu eBergville. Intombazane yona yasheshe yagana khona endaweni.

5 10 15

2.1 Ngubani isibongo sikathishanhloko wesikole lapho kwakufunda khona amadodana kaManyoba? (1)

2.2 Yini eyayenza ukuthi uMchunu abe nogqozi lokufunda ngesikhathi esesebenza eDeli eMdlovana? (2)

2.3 Chaza kafushane ukuthi yini eyayenza uManyoba angakwazi ukuzijabulisa ngemali yakhe ngesikhathi esebenza eGoli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.4 Bhala isijeziso umlungu ayesinika imizi eyayingenabo abantu bakhona ababesebenza izithupha epulazini lakhe? (2)

2.5 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uMchunu axoxele uDoda ngesikhundla sakhe esisha sokusebenza emshinini ongasemnyango omncane ophumela emahhovisi ezinduna? (2)

2.6 Nikeza umoya otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

2.7 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Lokhu kwamenza waba **nogqozi** lokufunda. (2)

2.8 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

2.9 Ucabanga ukuthi kuyiqiniso yini ukuthi inkosi yaseMachunwini uSimakade yayinobuhlakani bokubusa isizwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Ngabe isenzo somlingiswa onguMaNene sokuvuna indodakazi yakhe siyamukeleka yini kuwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA D

Namuhla uNkulunkulu omkhulu ungenze **ngadukela** kule ndodana eniyibona lapha namuhla sidwanguza nomkami sesizitshele ukuthi kungcono sifele ezintabeni kunokuba sihluphekele ezandleni zezingane zethu. Lo mfana enimbona lapha phambi kwenu, ziyamazi lezi zingane, ingane kaZakwe ezakhula nayo zingabafana, isiwuMfundisi eMnambithi. Sasingasayiboni thina sabonwa yiyona. Yasibingelela. Savuma. Sathi sithi ibisibingelela nje ngoba ibingelela abantu abadala. Cha yaqhubeka yasibuza ukuthi siya ngaphi. Sathi khimilili. Sake sabukana simangele ukuthi ngabe ubani lo mfana osibuza sengathi uyazi. Ngemuva kwalokho kudideka umfana wasitshela ukuthi yena ungubani, wakwabani, kuphi nokuthi usengumfundisi waliphi isonto. Sajabula kakhulu ukubona ingane esaziyo endaweni lapho sasithi asizukwaziwa muntu. Lo mfana waphinda wasibuza ukuthi siphokophelephi na? Asikwazanga **ukusenga ezimithiyo** kulo mntwana. Samtshela inhloso yethu nokuthi siqhamukaphi. Lo mntwana ukholiwe ngeqiniso, wasithatha wasisa emzini wakhe ngoba kwase kuhlwile, salala khona. Ngaphambi komkhuleko wasebusuku, esasesikade sawugcina sindawonye, waphinda wasibuza futhi ukuthi sihlose ukuhamba nje singaziwa lapho siya khona? Savuma. Waqala umthandazo, waqeda. Ekugcineni wabe eseseluleka saphenduka izingane ngoba wasitshela ngendawo esiyaziyo futhi esingayicabanganga nasekuqaleni. Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu, ngabe savele saziyela khona kwasekuqaleni.

2.11 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyayenza uManyoba noMaNdlovu bafise ukuyofela ezintabeni? (1)

2.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumbhali emgqeni we-13 ukuya kowe-19. (2)

2.13 Nikeza okufanayo phakathi kwemibono kaFanyana kanye noBheki mayelana nendlela ababezoyisebenzisa ukuxazulula inkinga yokuthi abazali babengesenawo amandla okuzondla. (2)

2.14 Induna uNgobese ingumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziswe kule misho elandelayo ecashunwe kulesi siqeshana esingenhla.

2.15.1 Namuhla uNkulunkulu omkhulu ungenze **ngadukela** kule ndodana eniyibona lapha namuhla … (2)

2.15.2 Asikwazanga **ukusenga ezimithiyo** kulo mntwana. (2)

2.16 Isimo senhlalo esitholakala kule noveli sihambisana kanjani nezigameko ezitholakala endabeni? (2)

2.17 Phawula ngokuphumelela kombhali ukuveza uManyoba njengomlingiswa okwaziyo ukubekezela uma ebhekene nobunzima empilweni yakhe. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki ayochazela unina ukuthi uhambe kanjani. Baluxoxe isikhathi eside udaba nonina. Unina atshele uBheki ukuthi kukhona umuntu ambonile emini. Sengathi ubekhona emotweni ethathe uLindiwe.
'Umbonephi?'
'Esitolo.'
'Ungamkhomba nje mama?'
'Ngingamkhomba. Ngimbuzile kwabanye bangitshela ukuthi ubani, sengikhohliwe manje.'
'Kodwa uthi ngabe bambulele uLindiwe?'
'Angisho ngabe sesizwile. Kuzofuneka sithumele kubo sizwe ukuthi ukhona yini.'
Bathi ukuthula uBheki esadla amathambo ekhanda.
'Ake ngihambe **ngihogela** le ndaba nami mama. Uma ngephuza ukubuya uvale mama.'
'Uyiphathe ngesinono le ndaba Bheki. Uma izigebengu zingathola ukuthi uyasesha zingakwenzakalisa mntanami.'
Avalelise uBheki. Aqonde kuTholakele. Sekumnyama impela. Acabange ukuthi uyobe ufile uma efice umlungu kaTholi. Ahambe asheshe. Sekuvaliwe emnyango kaTholakele. Angqongqoze. Avule uTholi. Angene uBheki.
'Bengithi usungilahlile mntakwethu,' kusho uTholakele. Asho maqede agaxe uBheki amphonse endlini. Babambane bemile bangane isikhathi eside.
'Yini le ekade isha lapha endlini?'
'Kusho ukuthi kukulezi zindlu engakhelene nazo.'
Aqalaze indlu yonke uBheki. Abone amakopi otshwala engasenalutho.
'Ubani obephuza lapha?'
'Abanye nje abangani bami. Uzohamba noma uyalala?'
'Angihambi Tholakele.'
'Kwangcono. Ngingakwenzela ukudla?'
'Kungcono into ephuzwayo.' Nempela asukume uTholi enze isiphuzo.

3.1 Ngubani okuthiwa wathathwa yimoto ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

3.2 Yini eyayenza uBhekani acabange ukuthi uTholakele wayephuza utshwala ngalolu suku? (2)

3.3 Chaza kafushane ukuthi yini eyayenza uBhekani angabe esakujabulela ukusebenza esikoleni ayefundisa kuso. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.4 Bhala iphupho elalikhombisa ngokusobala ukuthi ubaba kaBhekani wayefuna ukuba uLindiwe abe umakoti wakwakhe. (2)

3.5 Nikeza isizathu esenza ukuthi uBhekani angamthandi uBhatomu? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.6 Nikeza umoya otholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

3.7 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Ake ngihambe **ngihogela** le ndaba nami mama. (2)

3.8 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI umsebenzi womlandi ubhekise impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)

3.9 Ucabanga ukuthi kuyiqiniso yini ukuthi uTholakele wayengahambisani nezinto eziphathelene namasiko/nosikompilo lwesintu. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Ngabe isenzo somlingiswa onguLindiwe sokulova esikoleni ayovakashela isoka lakhe elinguBhekani siyamukeleka yini kuwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

ISIQESHANA F

Athule uBheki. Ubengasayilindele le ngwijikhwebu esiyenziwa unina. Athi ukwethuka uma ekhumbula iphungana lotshwala alizwe kuTholi izolo. Abone ukuthi kusho ukuthi uTholi uyaziqoqa uma sekuzofika yena.
'Abanye bathi udayisa ngisho ngensangu njalo lo makoti wakho.'
'Kodwa uyithathaphi yonke le nto mama?'
'Bayangixoxela abantu mntanami. Basuke bezwa kuthiwa phela umfelokazi lo umakoti wakwami. **Bangichathazele**-ke.'
Kodwa ukhona umuntu wesifazane ongadayisa insangu?
Kusetshenzwa imali mfana wami lapha eNyawushane. Lo owakho-ke yena kuthiwa unomlungu wakhe omqoqela amakhasimende amhlophe.
Akhexe umlomo uBheki. Kuthi akaphindele emuva ayobuza uTholi ngalezi zinto. Akhumbule ukuthi konje ufike ahluleke. Kuphenduleke umbuzo wakhe ahlale ezibuza wona njalo wobungani phakathi kukaTholi noPamella.
'Ngiyazi ukuthi ayikho into ongabe usayenza manje. Ngicela into eyodwa nje zwi Bheki. Uma lo mfelokazi efuna ukuzogana lapha, mtshele ahlukane nayo yonke le mikhuba ayigilayo. Uma eza nalezi zinto zakhe lapha, uyosonteka intamo afe uhlangothi. Awadlali amadlozi alapha ekhaya.'
Ethuke kakhulu uBheki uma ezwa unina ekhuluma kanje. Athi esathi ufuna ukuphendula aqhube unina: 'Uma idlozi limcasukele kakhulu mfana wami, ngeke nishade ngisho ukushada kodwa lokhu.'

3.11 Ngokwalesi siqeshana osifundile yini eyenza ukuthi uBhekani angaphindeli emuva ayobuza uTholakele ngalezi zinto ayezitshelwa ngumama wakhe? (1)

3.12 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo ngumama kaBhekani emgqeni we-14 ukuya kowama-20. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.13 Nikeza okufanayo ngezimpendulo zikanesi kanye nezikaSifiso ngesikhathi uBhekani ebabuza ngokwehlukana ngesifo esasiphethe uTholakele aze ayolaliswa esibhedlela. (2)

3.14 Unesi wasesibhedlela okwakulaliswe kuso uTholakele ungumlingiswa omncane kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.15 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo ecashunwe kulesi siqeshana esingenhla.

3.15.1 Basuke bezwa kuthiwa phela umfelokazi lo umakoti wakwami. **Bangichathazele-ke**. (2)

3.15.2 **Akhexe umlomo** uBheki. (2)

3.16 Isimo senhlalo esitholakala kule noveli sihambisana kanjani nezigameko ezitholakala endabeni? (2)

3.17 Phawula ngokuphumelela kombhali ukuveza uBhekani njengomlingiswa ohlulekayo ukulawula imizwa yakhe yothando noma yenkanuko. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

(Kusemzini wenkosi ntambama ngoMsombuluko. Kunomhlangano wenkosi, induna kanye namadoda omkhandlu wenkosi. Umhlangano usendlini eyakhelwa imihlangano yomkhandlu.)

SHANDU:	Madoda! Namuhla ngithokoze kakhulu ngoba induna ayizukulala esitokisini.	5
AMADODA:	Ndabezitha!	
SHANDU:	Yize icala lingaphelile kodwa mina nginethemba ngoba lesi silima esinguMbandlwa asinaye ufakazi. *(iqondise kuDlamini)* Awuthi qaphuqaphu ngesimo secala khona umkhandlu wami uzothola sonke isithombe.	10
DLAMINI:	*(asukume uDlamini)* Ndabezitha! Ngizoqala ngokubonga uNdabezitha ngokungikhokhela ibheyili. Mina bengizoyithathaphi inkulungwane yamarandi? Ndabezitha nani bandla lenkosi, icala lokushaya ngiyaliphika ngima ngentaba. Ngithi, uMbandlwa ngamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi. Okuhle kakhulu ngukuthi mina amadoda engangihamba nawo ayangifakazela. Yena akanaye ufakazi ngoba ikhansela lalingaphakathi ekilasini kanye nezethameli zomhlangano. Lihlehlile-ke icala. Liyoze lingene emva kwezinyanga ezintathu.	15 20
AMADODA:	*(kuzwakale ukuhhomuzela kwentokozo abanye behleka)*	
SHANDU:	*(inkosi yelule isandla sakumhlalisa phansi uDlamini)* Hhayi-ke! Siyabonga Mzizi, ungahlala phansi.	
DLAMINI:	*(ahlale phansi)* Ndabezitha!	25
SHANDU:	Kunjalo-ke madoda. Mina ngeke ngimsole uDlamini ngoba leli khansela liyangeyisa. Lake lakubonaphi ukuthi umfokazana angamane abize umhlangano endaweni yenkosi engadlulanga enkosini?	
AMADODA:	*(ahhomuzele)*	30
INDODA YOKUQALA:	Uyagcwaneka lo!	
INDODA YESIBILI:	Yisizwe sakho lesi Ndabezitha! Singakufela lokho thina!	
DLAMINI:	*(eqondise emkhandlwini)* Yehlisani umoya madoda! Thulani umsindo, uNdabezitha usakhuluma!	
SHANDU:	Mina ngiyasola uDuma usabambelele kulokhu okwenzeka ngesikhathi sodlame. Angithi ngikhuluma nje ungomunye walaba ababehla benyuka lapha endaweni yami, begqugquzela ngenkani ukufaka leli **dungabantu** ababelibiza ngomzabalazo …	35

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.1 Inkosi uShandu yamkhipha ngamalini uDlamini ejele? (1)

4.2 Yini eyayenza inkosi uShandu ibize uMbandlwa ngesilima? (1)

4.3 Ngubani emndenini wekhansela owaba nesandla ekuletheni uxolo endaweni? Fakazela impendulo yakho ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

4.4 Bhala isibonelo senkulumo kaDlamini ekhombisa ukungathembeki kulesi siqeshana. (2)

4.5 Yisiphi isizathu esenza inkosi uShandu ingathandi kufakwe itiyela kule ndawo yabo yasemakhaya? (2)

4.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mushwana ongezansi ocashunwe esiqeshini sichaza isimo …

… begqugquzela ngenkani ukufaka leli **dungabantu** ababelibiza ngomzabalazo …

A sokujabulisa.
B sokuthandaza.
C sokuxabanisa.
D sokuthanda imali. (1)

4.7 Bhala isigameko esadala isixakaxaka ngaphambi komhlangano owawusesikoleni. (2)

4.8 Chaza ukuthi inkosi uShandu ingumlingiswa onjani bese usekela ngamabinzana akulesi siqeshana. (2)

4.9 UDlamini wabanjwa waboshwa. Bhala ngephuzu ELILODWA usho ukuthi wayeboshelweni. (2)

4.10 Kwakuyisenzo esihlakaniphile yini ukuthi uDuma abalekele esiteshini/ esikhumulweni samaphoyisa uma sekusuka udlame endaweni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Iyiphi enye indlela ayengenza ngayo uHulumeni ukuletha izinhlelo zentuthuko endaweni yenkosi ukuze lungabi bikho udlame? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA H

(Ntambama emzini wenkosi. UShandu uhleli nomkakhe, bayaxoxa.)

SHANDU: MaNgema, angikuphikisanga mhlazane uzama ukuthi ngimbize uDuma.Yebo, ngakwenza lokho kodwa akusebenzanga. Manje, uthi angenzenjani-ke futhi?

MANGEMA: Baba, ngizoqala ngokukubonga ngoba wangilalela yize nje wawunalokho kungabaza. Khona akukho osengakwenza. Angazi kodwa, sengethembele enhlanganweni yakhe uDuma ikakhulu labo abasezihlalweni eziphezulu kulesi sifundazwe. Kwanginika ithemba ukuthi isikhulu soMnyango wezendabuko sakuthembisa ngokuthi sizobikela abenhlangano yakhe emazingeni aphezulu.

SHANDU: Hhayi-ke bandla, masethembe bona osopolitiki. *(athule kancane)* Uyabona, ukube kuseyisendulo, bengizomane ngimdingise uMbandlwa ngoba nguye **oyimpethu.**

MANGEMA: Khohlwa-ke baba. Njengoba sekubonwa ngentando yeningi nje, ngeke uyilinge leyo nto. Kwabanye abantu intando yeningi isho ukuthi kufanele umuntu alifune ilungelo lakhe bese naye enikeza abanye elabo ilungelo.

SHANDU: Uyakhuluma lapho MaNgema. Kafushane nje singathi, konke esikwenzayo kufanele kuncike kuthatha-nika. Uma wena uthatha nje kwaphela kodwa unganiki, uyayibulala intando yeningi. *(banqekuzise amakhanda bobabili, bavumelane)*

(Phandle kukhuleke induna uDlamini.)

DLAMINI: Ndabezitha! Ndabezitha!

SHANDU: Ngena Mzizi!

(Angene uDlamini. Iphepha aliphethe ngesandla alibeke phambi kwenkosi bese ehlala phansi.)

DLAMINI: Ngiyanibingelela Ndabezitha.

SHANDU: *(ufunda iphepha ngesikhathi ekhuluma)* Yebo Mzizi. *(alibuke iphepha aze anikine ikhanda, ubuso bugcwale intukuthelo)*

MANGEMA: *(eqondise kuDlamini)* Mzizi, leli phepha sengathi alilungile nje.

4.12 Nikeza isizathu esenza uMaNgema waba nethemba lokuthi inhlangano kaDuma yayizoletha usizo. (1)

4.13 Bhala isibonelo sobuhle bentando yeningi ngokusho kukaMaNgema kulesi siqeshana. (2)

4.14 Kwenzekani kuShandu ngemuva kokuthi ezwe ngokushona kukaDlamini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.15 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.16 Izigameko zalo mdlalo zenzeka endaweni eyodwa. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.17 Bhala inkinga eyethulwa ngumbhali esingenisweni salo mdlalo bese uchaza ukuthi yaxazululeka kanjani. (2)

4.18 Hlobo luni lo mdlalo lolu ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho. (2)

4.19 Ngokumazi kwakho uMbandlwa ukuba wayesaphila, ucabanga ukuthi wayezogculiseka/wayezokwaneliseka yini ngendlela umdlalo owaphetha ngayo uma ebona abantu abekade bengezwani sebesebenzisana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

(KwaSonto. USonto ubuye kwaMaNsibande qede wahlala phezu kocingo wabiza uMthofi ukuthi azolanda imali yakhe.)

SONTO: *(Emkhomba ngomunwe.)* Lalela la! Wena sigebengu ndini ngizokunika imali yakho bese uyaphuma uphele empilweni yami. Siyezwana?
MTHOFI: Iphelele nje imali yami?
SONTO: Ngizokunikeza enginayo, engingenayo anginayo.
MTHOFI: Ilethe-ke, ngiyibone.
SONTO: Uma uphuma lapha uhlukane nokuphatha isibhamu ngesandla ngoba uzozixabanisa nami**.**
MTHOFI: *(Ecikeka)* Awuyeke ukukhuluma izinto ezingathi shu, unginike imali **ngibone engize ngayo**.
SONTO: *(Eshona emnyango.)* Linda lapha ngiyabuya.
MTHOFI: Yenza *fast*.
(Aphume uSonto. Abuye emva kwesikhashana. Usehlahle amehlo.)
SONTO: *(Ethwele izandla ekhanda)* Ngivelelwa yini kodwa bakithi!
MTHOFI: *(Ehlahla amehlo.)* Kwenzenjani manje? Iphi imali yami?
SONTO: Angisayitholi lapho ebengiyibeke khona.
MTHOFI: Uyadlala, kangithi?
SONTO: Angidlali Mthofi, ngempela ayikho.
MTHOFI: *(Wasukuma wadonsa isibhamu.)* Uyayazi le nto? Uma imali yami ngingayitholi, izokubhodloza isifuba.
SONTO: Ngicela unginika elinye ithuba ngiyoyizama imali yakho.
MTHOFI: *(Ememeza)* Yeyi wena doti, kunini ngilalele lawo manga akho*?*
SONTO: Okokugcina Mthofi, *please*.
MTHOFI: *(Wamklinya)* Khamisa.
SONTO: Ngicela ungangibulali Mthofi.
MTHOFI: Ngithe khamisa wena doti!
SONTO: Kulungile-ke.
MTHOFI: *(Wafaka isibhamu emlonyeni kaSonto.)* Uyafa namuhla.
SONTO: Ungangibulali bakithi.
MTHOFI: Thandaza okokugcina ngoba ngeke uphinde uthandaze emva kokuba sengikusakaze ubuchopho ngenhlamvu.
(Kwaphazamisa umnyango owavuleka ngokushesha.)
TORONTO: *(ngokutatazela)* Asibaleke baba, sekonakele.
MTHOFI: *(ngolaka)* Ngithe ngiyeza, ngilinde emotweni.

5.1 Yini le uSonto okwakufanele ayinikeze uMthofi? (1)

5.2 Yisiphi isizathu esasenza ukuthi uToronto athi kuMthofi ababaleke manje? (1)

5.3 Ngubani owathatha imali eyayifihlwe nguSonto? Fakazela impendulo yakho ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.4 Bhala isibonelo senkulumo kaSonto eyayikhombisa ukungamncengi uMthofi kulesi siqeshana. (2)

5.5 Bhala isizathu esenza ukuthi ikomidi lezezimali lebandla lihlanganele emzini kaSonto. (2)

5.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Awuyeke ukukhuluma izinto ezingathi shu, unginike imali **ngibone engize ngayo**.

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthi …

A ukukhuluma kakhulu.
B ukubaleka ngokwesaba.
C ukuphindela emuva.
D ukuthatha imali. (1)

5.7 Bhala isigameko esadalela uSonto isixakaxaka ngemuva kokushona kukaMbhele. (2)

5.8 Chaza ukuthi uMthofi ungumlingiswa onjani bese usekela ngamabinzana akulesi siqeshana. (2)

5.9 UMthofi wabanjwa waboshwa. Bhala ngephuzu ELILODWA usho ukuthi wayeboshelweni. (2)

5.10 Kwakuyisenzo esihlakaniphile yini ukuthi umfundisi ahlale yedwa endlini yasesontweni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.11 Iyiphi enye indlela ayengathola ngayo imali uSonto ngaphandle kokwenza ubugebengu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA J

SONTO:	Mina? Hhayi, ayikho leyo nto!	
NHLEKO:	Uma kunguwe uSonto Mbhele impela ngisho wena. *(Aphenduke uSonto aphindele endlini.)*	
SONTO:	Mama, ake ngibeke nazi izikhwama ngizobuya ngokushesha.	
NHLEKO:	Hhayi bo, wadlala ngomuntu omdala, uzobuyaphi?	5
MAMKHIZE:	Sonto, ngobani labo okhuluma nabo abangangeni endlini?	
NHLEKO:	*(Engena endlini.)* Sawubona mama. Sengiphinde ngabuya futhi.	
MAMKHIZE:	Senifunani futhi ndodana, awumtholanga yini ngenkathi umfuna uSonto?	
NHLEKO:	Usho kahle mama, ngangizomfuna, namuhla ngizomlanda.	10
MAMKHIZE:	Umsaphi manje?	
NHLEKO:	Siyambopha mama.	
MAMKHIZE:	Nimbophelani? Musani ukudlala ngengane yami ngoba yafelwa yindoda!	
SONTO:	*(Eziqinisa)* Ungakhathazeki mama, ngizobuya khona namhlanje.	15
NHLEKO:	Ungazithembisi kakhulu. Mancane amathuba okubuya komuntu osebulale abantu abangaka!	
MAMKHIZE:	*(Ngokumangala)* Nisho uSonto lo engimzalayo? Anobuye nithi niyadlala.	
NHLEKO:	Yena impela lo owamthwala esiswini sakho mama.	
MAMKHIZE:	*(Ebuka uSonto isikhathi eside.)* Kanti usha amashushu kangaka ngokuhamba yingoba ushiya amacala angaka?	20
SONTO:	Ayikho le nto abayishoyo mama, bayangisukela. Ngizobafaka kummeli bangikhokhele ngokungiqambela amanga.	
MAMKHIZE:	Kodwa ngishilo ukuthi kukhona okusolisayo. Mntanami, ngimdala. *(Ekhala)* Mntanami kodwa wawungenwe nguSathane muni?	25
NHLEKO:	Sekufanele sihambe mama.	
MAMKHIZE:	Naze nangehlula-ke. Anobuya phela nizongitshela ukuthi sekuhamba kanjani ngomntanami.	
NHLEKO:	Kulungile mama.	
	(Aphume noSonto, amvalele evenini.)	30

5.12 Bhala isizathu esenza uNhleko agcine engene endlini emva kokukhuluma noSonto bengaphandle ekhaya kubo. (1)

5.13 Bhala isibonelo sobuhle bokusebenza kwengalo yomthetho kulesi siqeshana. (2)

5.14 Kwenzekani kuZinhle ngemva kokuboshwa kukaSonto? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.15 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.16 Izigameko zalo mdlalo zenzeka ezindaweni ezahlukene. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Bhala inkinga eyethulwa ngumbhali esingenisweni salo mdlalo bese uchaza ukuthi kungani ingaxazululekanga. (2)

5.18 Hlobo luni lo mdlalo lolu ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho. (2)

5.19 Ngokumazi kwakho uMbhele ukuba wayesaphila, ucabanga ukuthi wayezogculiseka/wayezokwaneliseka yini ngendlela umdlalo owaphetha ngayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

[35]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(UThenjiwe uhlezi phansi komuthi uyathunga. Ukhuluma yedwa.)

THENJIWE: … Noma ngabe uDumisani usekhulile nje, ngeke ungibone ngimgana mina. Mina angisiye owokuganga. Naye ngizomgada manje uma efikile. Uma engeshela nje ngiyomkhombisa ikheli. Ngimbuze ukuthi ungithanda manini nje. Uma enganakile futhi siyodumelana kube kuncane indawo.Uyazi angimazi nalo muntu owasungula isiko lokungenwa wayehlushwe yini. Abantu bayathanda ukusungula amasiko adala izinkinga. *(Ezwe izigi)* Nangu umama eza. Uma eqala le ndaba yesiko lakhe uzongizwa kahle namuhla. Angihleki angithi nsi. Angifuni ndoda nje eduze kwami manje.

MAMBATHA: Uyawuthanda lo msebenzi wokuthunga koti bo. *(Ahlale phansi)*

THENJIWE: Ngenzela ukuthi ngingakhohlwa mama. Nawo umshini awufuni ukuhlala isikhathi eside ungasebenzi.

MAMBATHA: Kuzofuneka ungifundise nami makoti ngizithungele.

THENJIWE: Awu mama uthi kungalunga ufundiswa **imfundamakhwela**?

MAMBATHA: Akubonakali ukuthi usafunda koti. Ukwenza kwakho kukhombisa ubumpetha. Impela ngicela ungifundise. Siningi kabi isikhathi esizosihlala nawe ngingagcina sengiwushaya njengawe nje.

THENJIWE: Usho ukuthini umama uma ethi sisazohlala isikhathi eside?

MAMBATHA: Kanti uyahamba yini?

THENJIWE: Ngingeze ngasho ukuthi ngiyahamba mama. Uma sekukhunyulwe inzilo bengizocela ukuba ngibuyele ekhaya.

MAMBATHA: *(Ashaye izandla)* Nansi indaba bo! Wawukuzwaphi ukuthi umakoti ushiya lapho endele khona abuyele kubo?

THENJIWE: Bengisho ngoba ngisemncane mama. Nomuntu owangiletha lapha nakhu esesheshe wangishiya.

6.1 Ngubani igama lomfowabo womyeni kaThenjiwe? (1)

6.2 Bhala isizathu esenza ukuthi uThenjiwe afune ukubuyela ekhaya kubo. (1)

6.3 Ngubani emndenini wakwaMondise owayeseka uThenjiwe ukuba anqabe ukungenwa uDumisani? Fakazela impendulo yakho ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

6.4 Bhala isibonelo senkulumo kaThenjiwe eyayikhombisa ukungamncengi uDumisani kulesi siqeshana. (2)

6.5 Bhala isizathu esenza ukuthi uThenjiwe angathandi ukungenwa nguDumisani. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

Awu mama uthi kungalunga ufundiswa **imfundamakhwela**?

A Umuntu owazi kakhulu
B Umuntu ofunde kakhulu
C Umuntu osafunda into
D Umuntu ongayazi into (1)

6.7 Bhala isigameko esadala isixakaxaka ngaphambi kokuthi uThenjiwe avume ukugana uDumisani. (2)

6.8 Chaza ukuthi uMaMbatha ungumlingiswa onjani bese usekela ngamabinzana akulesi siqeshana. (2)

6.9 USipho wabanjwa waboshwa. Bhala ngephuzu ELILODWA usho ukuthi wayeboshelweni. (2)

6.10 Kwakuyisenzo esihlakaniphile yini ukuthi umndeni wakwaZungu uthathele uThenjiwe isinqumo sokungenwa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Iyiphi enye indlela ayengenza ngayo uSipho ukuvikela uThenjiwe ngesikhathi eshaywa uDumisani ngaphandle kokumgwaza? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA L

(UThenjiwe noDumisani bahlezi endlini bayaxoxa)

THENJIWE: Ngicela ungabe usayikhuluma leyo ndaba, ingenza ngibe namahloni amangalisayo.
DUMISANI: Abahlola leliya tiye bathi ukuba ngake ngaliqhabula kanye, ingqakala yayiyobheka ezulwini.
THENJIWE: Ngasuke ngavukwa inzondo embi, idalwa ukuthi uSipho wayefe ngenxa yakho.
DUMISANI: Kanti nanihlobene kanjani noSipho?
THENJIWE: Kwakungumngani wami omkhulu. Mhlawumbe sasiyogcina sithandana nje. Uyena owayekwazi ukungiduduza uma ngikhumbule umfowenu.
DUMISANI: Ngaphatheka kabuhlungu kabi mina ngizwa kuthiwa useshonile.
THENJIWE: Ngifisa ukuyobeka imbali eyodwa vo ethuneni lakhe. Ngifuna nokuvalelisa ngoba washona ngithi ngisazombona.
DUMISANI: Ngizwa kuthiwa wakubhalela incwadi engakashoni.
THENJIWE: Edabukisa kakhulu. Sengathi wayebona ukuthi usezofa.
DUMISANI: Akashongo lutho ngami?
THENJIWE: Wayengayeka kanjani? Wathi angomxolisela kuwe futhi ngigcine ngikuganile. Yayimfushane incwadi idle ngokujula. Yayilokhu iphinda wona la magama engiwashoyo.
DUMISANI: Yikho lokho okwadala ushintshe umqondo ulivumele isiko?
THENJIWE: Nalokho kwafaka isandla kakhulu. Ngisola sengathi kufanele ngixolise kumama wakho futhi.
DUMISANI: Ungazihluphi ngomama. Uma sihlezi kamnandi kanje ujabula kabi.
THENJIWE: Sengathi ngalwa naye isikhathi eside kungafanele.
DUMISANI: Alikho icala lapho ngoba wawungakayiboni le nto yabo ukuthi izosebenza. Wababona ukuthi bajabula kanjani ngomshado?
THENJIWE: Wawungathi izingane ezincane.
DUMISANI: Awuve wangiqabula kamnandi ngalelo langa, kwaba sengathi ngiyaphupha.

6.12 Bhala isizathu athi uThenjiwe sasingamenza agcine egane uSipho. (1)

6.13 Bhala isibonelo sobuhle bokusebenza kwesiko lokungenwa kulesi siqeshana. (2)

6.14 Kwenzekani kuNondumiso ngemuva kokusolwa ngubaba wakhe ukuthi wonisa uThenjiwe emzini wakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.15 Ngubani umqhathi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.16 Izigameko zalo mdlalo zenzeka ezindaweni ezahlukene. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Bhala inkinga eyethulwa ngumbhali esingenisweni salo mdlalo bese uchaza ukuthi yaxazululeka kanjani. (2)

6.18 Hlobo luni lo mdlalo lolu ngokwendikimba? Sekela impendulo yakho. (2)

6.19 Ngokumazi kwakho uSipho ukuba wayesaphila, ucabanga ukuthi wayezogculiseka/wayezokwaneliseka yini ngendlela umdlalo owaphetha ngayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

UMBUZO 7

7.1 **'IMFIHLO KAMAKOTI' – MT Mkhize**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

Bahamba begwingciza imigwaqo yaseMlazi baye bafika esigcemeni sakwa-T lapho kuthiwa kuseSeventini khona. Endleleni bahamba nje abakhulumisani ngalutho ngaphandle kukaMaMkhwani owayelokhu ezwakala ethi, 'Wo, kulukhuni emhlabeni madoda!'
Wathi lapho esethe mayime imoto emva kokuba sebeyihambe bayiqeda imizi yaseSeventini, uMaMkhwani waphawula wathi,'Uyabona-ke Ndodana, mfana kaMnyandu, angifunanga ukukhuluma kakhulu ngenkathi sisekhaya ngoba ubuzothi mhlawumbe ngiyakukhohlisa. Le nkinga ohlangabezane nayo ayiqali ngawe, kodwa sebebaningi abantu befika ekhaya bakhulume into efanayo nalena yakho. Abanye baze bacabange ukuthi siyabakhohlisa uma sithi uRebecca akasekho lapha ekhaya.' Asho akhale.
'Impela angazi ukuthi ingane yami yaze yaqalekiswa kangaka nje yona ngoba yayone ukwedlula bonke yini abantu emhlabeni ngokungcola!'
'Yini? Kanti sekwenzenjani futhi manje Ma? Angithi wena uthe uyongikhombisa uRebecca lapho ekhona ngoba akekho ekhaya kuwena? **Wangithela ngezinyembezi** manje, kanti uphi ngempela uRebecca?' kubuza uRoy emangele.
'Impela ngiyaxolisa Ndodana ngokukubangela umsindo, ukuthi le nto ingifikisela izinyembezi nokudumala uma kuzothi ingane yami ikade yazishonela, kube kukhona abantu abathi basabonana nayo ezimotweni nasemakhumbini ikakhulukazi. Yebo khona, ingane yami yabe ikuthanda ukuzula ngezinto ezihambayo engangoba yaze yafela khona emakhumbini igwazwa ngamanye amantombazane kubangwa abashayeli bamakhumbi!'

7.1.1 Yiliphi elinye igama lasesigcemeni sakwa-T? (1)

7.1.2 Yisiphi isizathu esenza ukuthi uMaMkhwani athi le nkinga ahlangabezana nayo uRoy ayiqali ngaye? (1)

7.1.3 Caphuna ibinzana lamagama akulesi siqeshana asitshela ukuthi uRebecca wayaziwa ngumzali wakhe ukuthi wayekhonze ukuzula/ ukuhamba ngezimoto. (1)

7.1.4 Chaza kafushane ngesigameko esenzeka ngesikhathi uRoy ehlangana no Rebecca okwesibili. (2)

7.1.5 Ngokwale ndaba umbhali usikhombisa imiphumela yokungalaleli izeluleko zabazali. Fakazela lo mbono ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.6 Phawula ngodweshu lwangaphakathi oluphathelene nomlingiswa onguRoy kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.7 Isingeniso sale ndaba siyayilandela yini imigomo yendaba emfushane? Sekela impendulo yakho. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulo musho olandelayo ocashunwe kulesi siqeshana esingenhla.

... '**wangithela ngezinyembezi** manje, kanti uphi ngempela uRebecca?' (2)

7.1.9 Ukuba wena wawunguMaMkhwani wawungenzenjani uma kulokhu kufika abantu abehlukene bezobuza ngengane yakho, uRebecca? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.10 Uyazwelana yini nomlingiswa onguRoy nalesi simo abhekene naso sokubekelwa imibandela ngendlela okufanele asebenzise ngayo imali? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

7.2 'ILOBOLO' – Sicelo Zimema

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA N

Kuthe besaxoxa kanjalo, kwangena ucingo. Waluthatha unina. OlukaMandlenkosi.
Uthe angaqeda ukukhuluma nocingo lwakhe lolo, waluvala.
'Baba nawe Mama, ithanda ukungesinda mina le nto. Lo mnumzane uthi ufuna ngimelekelele. Ungibalisela ngokuhlupheka kwakhe. Ungitshela ukuthi akanayo imali ngenxa yokuthi wadilizwa emsebenzini. Ungitshela ukuthi wethembele kimi njengomkhwenyana wakwakhe. Ungitshela ukuthi akanayo imali eyanele. Kuyacaca ukuthi uyabona ukuthi lo msebenzi ubhekene naye ngqo. Uzama ukungifaka ngekhanda nje. Ngeke ngiyivume mina leyo nto. Ufunani kimi?'
'Uphendule wathini wena kuyena ngenkathi nixoxa?' kubuza uyise.
'Angimethembisanga lutho Baba. Ngithe ngizobona. Okokuqala, yena akafanelanga ukukhuluma nami. Kufanele akhulume nani, hhayi mina. Ngibona sengathi ufuna ukungiqinela ngoba azi ukuthi ngiyamhlonipha.
Uthe uzobuye ashaye emva kwesikhashana. Yinina okufanele nikhulume naye, hhayi mina.'
'Ngiyakuzwa lokho okushoyo, kodwa ngibona sengathi usezohlalela ethembeni njengoba wena uthe usazobona nje,' kusho unina.
'Kulungile. Akahlalele kulelo themba lakhe aze ayofa njengoba esihlalise ethembeni kwaze kwafa omunye nje. Elami lithi, ngeke ngize ngifake ngisho elimnyama isenti. Ningamelekelela nina uma ninemali eningi. Lo muntu sisanda kumnikeza inqwaba yemali. Akasebenzise yona. Ukuba wayidedela ingane yakhe, ngabe asihluphani ngalutho nale ndoda …

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.1 Ngubani owathatha ucingo olwangena ngesikhathi uMandlenkosi esaxoxa nabazali bakhe? (1)

7.2.2 Bhala izinto EZIMBILI uMandlenkosi azitshelwa ngumukhwe wakhe ocingweni. (2)

7.2.3 Yini eyayenza uMandlenkosi angafuni ukwelekelela umukhwe wakhe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.4 Fingqa okwenzeka kulesi siqeshana. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.5 Chaza kafushane imbangela yokushona kwengoduso kaMandlenkosi. (2)

7.2.6 Ucabanga ukuthi ilobolo lisabalulekile yini esikhathini samanje? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.7 Umbhali usiqambe kahle isihloko sale ndaba. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Iyini inhloso yombhali yokuveza uMandlenkosi njengomlingiswa onenkani noqinisa ikhanda. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.9 Isenzo somlingiswa ongumukhwe kaMandlenkosi sokungavumi ukuba ashadise indodakazi yakhe yize uMandlenkosi eseyikhiphile ingxenye yelobolo, samukelekile yini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UNGUMZALI ONJANI? – LMMS Madondo

1 Ungumzali onjani?
2 Odela igazi lakhe
3 Lichithek'ezindabeni.
4 Sithi sihlezi sithokozile
5 Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.

6 Ungumzali onjani?
7 Onhliziyo yakhe iyitshe
8 Ongafuni ukusinika
9 Iwisa nesihlangu
10 Silwe sivike kudel' umakhasana
11 Kukhale ingwazi kukikizwe!

12 Ungumzali onjani?
13 Ongasingath' amachwane akhe,
14 Awafak'endleleni eyiyo.
15 Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
16 Ziwathole **ekhuselekile**.

17 Ungumzali onjani?
18 Ohlal' anethezeke
19 **Ashay'esingeqiwa ntwala**
20 Kodwa ekhaya kudlang' usizi
21 Izingane zibona ngokusa.

22 Ungumzali onjani?
23 Onikwa isikhali sempilo
24 Ahlabane ngaso imizuzwana
25 Asitshinge phezulu
26 Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshele.

8.1.1 Yini lena okuthiwa uyayidela umzali estanzeni soku-1? (1)

8.1.2 Bhala izikhali EZIMBILI imbongi ekhuluma ngazo estanzeni sesi-2. (2)

8.1.3 Bhala amaphuzu AMABILI usho izinto okuthiwa umzali akazenzi estanzeni sesi-3. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.1.4 Bhala elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

'Ziwathole **ekhuselekile**.' (1)

8.1.5 Tomula imvumelwano etholakala esitanzeni sesi-5, ubhale imigqa ephelele, bese uyidwebela. Shono ukuthi hlobo luni lwemvumelwano lolo. (3)

8.1.6 Hlobo luni lwesifenqo olutholakala kulo musho? Ungumzali onjani? (2)

8.1.7 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenziswe enkondlweni.

'Ashay'esingeqiwa ntwala' (2)

8.1.8 Yini okumele yenziwe ukusiza umzali onenkinga enjengale eyenziwa umzali okukhulunywa ngaye kule nkondlo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.1.9 Imbongi iphumelele ukwedlulisa umlayezo wayo ngale nkondlo. Bhala umlayezo bese uchaza ngamaphuzu AMABILI. (3)

KANYE

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

INHLANSI YAKHO THULI – SB Mlambo

Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
Ngishiywe nguNontando dengwane
Amehlo anezithukuthuku zosizi,
Ngingaboni lutho wufasimba,
Kujuluke namehlo.

Ngakubona buqamama.
Ngakubona uyinhlansana.
Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
Ngamangala, ngankema.
Ngakubona ungena kimi ngamehlo.

Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.
Yokhela, yalanguz' ilangabi.
Ngabuzwa ubulangulangu
Ngaziba, lakhula ilangabi.
Kokheleka nakweziny' izitho.

Ukunyamezela kwangiphika.
Ukubekezela kwanyamalala.
Wadlondlobala umlilo ngazidela.
Ngayihlomisa eyomlomo.
Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

21	Ngakujuma ungazelele.
22	Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
23	Ngagadla ngengedla wapaquza,
24	Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
25	Ngagwaza ngesijula
26	Nganqoba ngingeqhawe.
27	Ngazihasha ngingembongi,
28	Yahlokom' imvelo.
29	Kwabakuhle konke.
30	Ngayithumb' eyakho inhliziyo,
31	Ngayokhelisa yokhela.
32	Kwahlangan' ilangabi.
33	Mawungacishwa muntu,
34	Mawungacishwa mvula nomoya.

8.2.1 Bhala igama elisenkondlweni elisho ukuhamba ungazi lapho uya khona? (1)

8.2.2 Yini eyayikhalisa imbongi esitanzeni soku-1? (1)

8.2.3 Tomula umugqa ofakazela ukuthi imbongi yayimbona emuhle uThuli. (2)

8.2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Umugqa othi: **Ngayihlomisa eyomlomo.**

usho waqala ...

A washela.
B wathandaza.
C wamangala.
D waphoxeka. (1)

8.2.5 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi esitanzeni sesi-3. (2)

8.2.6 Tomula imigqa enokuxhumana etholakala esitanzeni sesi-2, dwebela amagama aveza ukuxhumana bese usho ukuthi hlobo luni lokuxhumana lolo. (3)

8.2.7 Bhala imisho EMIBILI enesizura esitanzeni se-3. (2)

8.2.8 Bhala le migqa elandelayo bese udwebela amagama anomqondo ofanayo.

'Ukunyamezela kwangiphika.
Ukubekezela kwanyamalala.' (2)

8.2.9 Uyavumelana yini nokuthi le nkondlo inomoya oxubile? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70

Downloaded from Stanmorephysics.com

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-31.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo. Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa

ISIQESHANA A

1.1 UNdebele. √ (1)

1.2 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Wayecabanga izinto eziningi ezisabisayo eziyaye zishiwo ngabathandazi laba.√√/
- Wayeke ezwe kuthiwa izayoni lezi ziyalumana uma sezivukwe umoya.√√/
- Wayesenetwetwe ebona nje ukuthi okwakobani ukugevuzwa ngenye indoda ngamazinyo.√√/
- Wezwa kukhulunywa ulimi olingazwakali. √√ (2)

1.3
- USandanezwe wayesezace engamathambo, kwammangaza uMbuyisa ukuthi umndeni wakubo wawungayithatheli ngani phezulu indaba yokugula kwakhe kusenesikhathi.√
- Zonke izimbilaphu zakhe zazivuvukele kakhulu, wonke umzimba wakhe wawusuvuvukele. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.4 Isijeziso kwaba ukuthi kufanele ahlawule ngeshumi lezinkomo.√√ (2)

1.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Izidumbu zazingasahlinzwa kubangcwabi ayebasebenzela kodwa zasezithunyelwa eNgwelezane. √√/
- AbeLungu ababesanda kuqala emsebenzini babehlolisisa yonke into, kwase kukhona ifomu egcwaliswa abantu abashonelwe uma bezolanda isidumbu, kule fomu babechaza ukuthi umuntu wabo bamthole esenjengoba babemshiyile yini. √√/
- Yingoba kugadiwe kakhulu kubangcwabi ngoba kuyaziwa ukuthi kukhona abantu abafika bezoganga. √√

(Nokunye okunembayo) (2)

1.6 Okukodwa kwalokhu:

- Umoya wokwethuka nokukhathazeka.√ uSandanezwe nonina babezobona isayoni ngenxa yokuthi uyagula. √/
- Umoya wokukhathazeka kwesayoni√ ngoba sibona uSandanezwe ebukeka engumuntu ogulayo. √/
- Umoya wokwethuka, √ ngesikhathi isayoni simhlolela samtshela izindaba ezimbi lokhu kwazandisa izinkinga zikaSandanezwe yize lalikhona ithenjana lokuthi isayoni singase sikwazi ukumelapha. √ (2)

1.7 Umthandazo noma inkonzo emfishane.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umlandi usitshela/uchaza ngesimo ayekuso amakhosikazi ayebambe isiguqo emzini kaNdebele ngesikhathi kufika uSandanezwe nonina kulo muzi. √/
- Usitshela/uchaza ngemicabango kaSandanezwe ngesikhathi engena endlini okwakubanjelwe kuyo isiguqo.√/
- Usivezela/usilandisa imizwa kaSandanezwe yokwesaba ngesikhathi ecabanga izinto okuthiwa ziye zenziwe izayoni uma sezivukwe umoya. √/
- Usilandisa ngemizwa ngokwashiwo isayoni ngesikhathi sihlolela uSandanezwe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.9 **Izimpendulo ziyokwehluka.**

Abathi kuyiqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Lo muthi ayewunikezwe nguZabalaza kwakungowentando, kwakungewona owokuthakatha uNokulindela. Ngakho-ke ukugula kukaNokulindela kwadalwa yiphutha elithile elenzeka ngesikhathi efakelwa le mithi. √/
- Inyanga yamdonsa ngendlebe uZabalaza ngesikhathi imnika lo muthi ukuthi uma eke wawuphambanisa buyochitheka bugayiwe.√/
- UNomgedla yonke into ayeyenza ngesikhathi efaka umuthi ekudleni nasemanzini okugeza kaNokulindela kwakumele asheshise okonyazi ukuze kungabi khona nokuncane okusolisayo. Kungenzeka ukuthi waphambanisa imithi ngesikhathi esheshisa okombani.√/
- Ngesikhathi uNokulindela eseqalwa ukugula, kwayena uNomgedla wasola sengathi uphambanise izinkomishi ngesikhathi esheshisa.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Abathi akulona iqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kungenzeka ukuthi umuntu owaphambanisa imithi inyanga uJiyane. Lokho kungasho ukuthi uNomgedla wathola ulwazi oludukisayo mayelana nokusetshenziswa kwale mithi. √/
- Asinaso isiqiniseko sokuthi uJiyane wayenawo ngempela umuthi wentando, kungenzeka ukuthi wanikeza uZabalaza impushana nje yena ayezitshela ukuthi yize kungeyona intando kodwa ngeke ibe yingozi empilweni kaNokulindela. √/
- Ukugula kukaNokulindela kwakuyindlela yezidalwa zakubo yokuveza obala abenzi bobubi. √/
- Kungenzeka ukuthi naye uZabalaza waphambanisa izinkomishi ngesikhathi enikeza uNomgedla imithi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.10 **Izimpendulo ziyokwehluka.**

Abathi kwakuyisenzo esingamukelekile bayothi:
Asamukelekile ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Lesi senzo sakhe sasikhombisa ukungathembeki kwezothando.√/
- Ukulala nabantu abaningi kwandisa amathuba okutheleleka ngezifo zocansi.√/
- Wayekhombisa ukungayicabangeli ingoduso yakhe uNokulindela. Phela kwakungenzeka athole izifo eThekwini bese eyothelela ingoduso yakhe emakhaya.√/
- Akawucabangelanga umndeni wakhe, ngesikhathi esegula kwakusoleka ukuthi wayephethwe ingculazi. Umndeni wakhe wonke wawukhathazekile futhi wehla wenyuka uzama izinyanga kanye nabathandazi ababengamelapha.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Abathi kwakuyisenzo esamukelekile bayothi:
Samukelekile ngoba:
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kwakuvamisile ukuthi umuntu wesilisa abe nezintombi eziningi. √/
- Kwakuvamisile ukuthi abantu besilisa bathathe isithembu. Wayengagcina esezishadile zonke izintombi ayethandana nazo. √/
- Emndenini eminingi sasikhuthazwa futhi sasijatshulelwa isenzo sobusoka. √/
- Imiphakathi eminingi yayingakugqugquzeli ukuthi abantu besilisa baziphathe kahle. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA B

1.11 Isifo sengculazi. √ (1)

1.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umfo kaMbeje wayesebenza kanzima ukuze athole imithi yokwelapha uSandanezwe.√/
- UMbeje wayengafuni ukuthi uSandanezwe abalwe nalolu quqaba okwakuthiwa lunesifo sengculazi.√/
- Isu ayenalo emqondweni elokuthintana nomunye kulaba abasebenza kubangcwabi amxazululele le nkinga yokuthola isitho sangasese somuntu wesifazane.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Bobabili babekholelwa ukuthi uSandanezwe washesha ukweqa esibhedlela, engakayiniki imithi yodokotela ithuba lokuthi isebenze kahle. √√/
- Bobabili bamtshela uSandanezwe ukuthi bona bathemba kakhulu odokotela kunezinyanga.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USebenzile lincane iqhaza alibambile kule noveli.√/
- Uvela ngenxa yesimo sokuthi uNokulindela wayedinga umuntu azoxoxisana naye ngezinkinga zakhe.√/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe.√/
- Alukho udweshu oluthinta yena ngqo kule noveli.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.15 1.15.1 Inkinga enkulu okunzima ukuyixazulula kalula.√√/into emxakayo engelula ukuyethula. √√ (2)

1.15.2
- Imali iyakwazi ukuxazulula izinkinga futhi ikhiphe nomuntu emacaleni anzima. √√/
- Abantu abaningi abakwazi ukunqaba uma ubanikeza imali ukuze bakwenzele into ethile. √√ (2)

1.16 Siyaguquguquka:

Kule noveli isimo senhlalo asisihle ngoba ...

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Abantu abaphila kule ndawo sebenezinselelo ezinjengezifo ezingaqondakali futhi abakafundiseki ngazo okuyingculazi. √/
- Esingenisweni kuvela izinkumbi zabantu zisemzini kaNonkamfela zizocela usizo lokwelashwa. √/
- USandanezwe uphethwe isifo esidida odokotela kanye nezinyanga. lokho kwenza angakwazi ukuthola usizo lokwelapheka kusona ngokushesha.√/.
- Abanye abantu abasenalo uzwelo ngokugula komuntu njengoba uZabalaza ayehlekisa ngaye entombini yakhe nasezinsizweni zangakubo.√/
- Izinyanga azisathembekile, sezithatha imali yabantu yize zazi kahle ukuthi ngeke zikwazi ukuselapha leso sifo.√/
- Ubuntu abusekho ngoba emuva kwengozi yebhasi, inyanga eyayelapha uSandanezwe yabona kuyithuba elihle lokuba ithole isitho sangasese komunye wabagibeli owayeshone kuleyo ngozi. √

Kule noveli isimo senhlalo sihle ngoba...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ezinye izigameko zikhombisa ukuthi isimo senhlalo sihle lapho uZondiwe ekhombisa ukumkhathalela umzala wakhe uSandanezwe ukuba aye esibhedlela waze wamphelezela. √/
- Ingoduso kaSandanezwe ayizange imbalekele nakuba endaweni kwase kukhulunywa ngokugula kwakhe.√/
- Izintombi zakule ndawo zisathembekile ngoba ziyakwazi ukulinda amasoka azo asebenza kude aze abuye zingaqomi abanye abantu besilisa. √/
- Omakhelwane bayakwazi ukusizana njengoba uSiwela akwazi ukusiza umndeni wakwaMkhumane.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USandanezwe akalilahlanga ithemba ngesikhathi egula wahamba odokotela, abathandazi kanye nezinyanga ezama impilo. √√/
- USandanezwe wayehlalele ethembeni lokuthi uzosinda yize isifo sasikhombisa izimpawu zokudlondlobala.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

NOMA

UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

ISIQESHANA C

2.1 UMgoza. √ (1)

2.2 EDeli wabekwa ukuba abe umabhalane ehhovisi lakhe. √√ (2)

2.3
- UManyoba wasebenza iminyaka eminingi engakwazi ukuzijabulisa ngoba efundisa izingane zakhe, efuna ukuba zisebenze kahle zingahlupheki njengaye.√/
- Wayefuna ukuthuthukisa umndeni wakhe awukhiphe ekuhluphekeni, awakhele umuzi ozoziqhenya ngawo.√ (2)

2.4 Umlungu kwakwenzeka awuxoshe umuzi uma engasekho umuntu osebenza isithupha/izinyanga eziyisithupha.√√ (2)

2.5 Okukodwa kwalokhu:
- UDoda noManyoba babengamathe nolimi ngakho-ke wayengafuni ukuthi aze amelamele noma ambone esesebenza kulo mshini engamazisanga√√/.
- Kwakungeke kube kuhle futhi ukuthi uDoda ayizwe ngosizwile indaba yokukhushulelwa kukaManyoba esikhundleni esingconywana.√√ (2)

2.6 Umoya wokujabula. √ UManyoba wayesesebenza eduze nomuzi wakhe. Wasezokwazi ukuhlala nezingane zakhe. Iphupho lakhe lokufundisa izingane zakhe lalibonakala lizofezeka.√ (2)

2.7 Kusho ukuba nomfutho, isifiso kanye nofuqufuqu lokwenza into ezothuthukisa impilo yakho. √√ (2)

2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi usitshela/uchaza ngothishanhloko uMgoza ukuthi kwakungumuntu onjani. √/
- Aphinde asitshele/achaze ngokubuya kukaManyoba eMgungundlovu azosebenzela ngasekhaya eMdlovane. √/
- Usivezela /uchaza isimo senhlalo kaManyoba ngesikhathi esebenza eDeli ukuthi kwakungekuhle, isimo sasinzima. √/
- Usilandisa/usivezela ngemisebenzi eyafundelwa amadodana kaManyoba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.9 **Izimpendulo ziyokwehluka.**
Abathi kuyiqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkosi uSimakade nguye owaqeda izimpi phakathi kwaMaChunu naBathembu. Lokhu inkosi yakwenza ngokuthi ithathe intombi yenkosi yaseBathenjini yayenza umndlunkulu waseMachunwini. Inkosi yaseBathenjini yayingeke isakwazi ukuphaka impi iyibhekise esizweni lapho kugane khona ingane yakhe. √/
- Le mizamo yakhe yenza ukuthi kube nokuzwana okukhulu phakathi kwaMachunu kanye naBathembu. √/
- USimakade waba yinkosi yokuqala eyaba nomshushisi oneziqu zaseNyuvesi. Lo mshushisi wayekhokhelwa yisizwe. Lokhu kwakhombisa obukhulu ubuhlakani. √

Abathi akulona iqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayengakwazi ukuletha intuthuko kubantu bakhe. √/
- Abantu bakhe babegqilazwa abeLungu emapulazini kodwa engakwazi ukubavikela. √/
- Wayengenawo amandla okusiza abantu bakhe ukuthi balime ngokukhululeka. √ (2)

2.10 **Izimpendulo ziyokwehluka.**
Abathi kwakuyisenzo esingamukelekile bayothi:
Asamukelekile ngoba ...
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Uma ingane uyivuna ikhula ingayazi into elungile kanye naleyo eyihlazo. √/
- Ingane ifunda ngokusolwa, uma uhlale uyivuna ikhula ingenayo imfundiso eyisisekelo yasekhaya. √/
- UMaNene wadonsa uninazala ngendlebe ukuthi angaphindi ahluphe indodakazi yakhe ngokuyiyala ngokuhamba ebusuku. √/
- Isenzo sakhe sokuvumela indodakazi yakhe ukuthi ihambe umathanda ebusuku sasingakhombisi ubuqotho obulindeleke kumuntu ongumzali. √/
- Ingane yakhe yagcina isingene enkingeni yokuvinjezelwa ngumfana yaze yalanyulelwa ngugogo wayo. √/
- Ingane yagcina isimsola futhi ingasamhloniphi ngoba yayisibonile ukuthi uyayidukisa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Abathi kwakuyisenzo esamukelekile bayothi:
Samukelekile ngoba ...
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Umzali uke angathandi ukuthi ingane yakhe ilulekwe abantu abanye ngaphandle kwakhe. Usuke ebona ukuthi bazoyididisa.√/
- Wayefuna ukuthi ayinike inkululeko. √/
- Wayefuna kube iyona ezithathela izinqumo zayo ukuze ingasoli muntu uma izinto sezonakele. √/
- Wayeyilungiselela impilo lapho seyifunda esikhungweni semfundo ephakeme, engasekho eduze kwayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQESHANA D

2.11 Babengafuni ukuhluphekela ezandleni zezingane zabo. √ (1)

2.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UManyoba uyachaza ukuthi uMfundisi Zakwe bahlangana naye eMnambithi wabathatha wabayisa emzini wakhe ngoba kwase kuhlwile.√/
- UMfundisi weluleka uManyoba noMaNdlovu ngokuthi bangaduki nezwe kodwa baye kohlala endaweni egcina abantu abadala abangakutholi ukunakekelwa yizingane zabo. √/
- Le ndawo uMfundisi ayebatshela ngayo oManyoba babeyazi futhi ukube babeyicabange kwasekuqaleni, ngabe abazange bacele usizo ezinganeni zabo. √ (2)

2.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Bobabili babevumelana ngombono wokuthi babezothenga ukudla baphinde babanike nemadlana encane yokuthenga izinto ezincane. √√/
- Bobabili babevumelana ngombono wokuthi kufanele balethele abazali babo ukudla njalo ekupheleni kwenyanga lokhu babezokwenza ngokushintshana. √√ (2)

2.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNgobese lincane iqhaza alibambile kule noveli.√/
- Uvela ngenxa yesimo sokuthi uManyoba wayekhushulelwe esikhundleni esingconywana ngakho-ke lezi zindaba kwakumele azibikelwe yinduna yakhe kuqala. √/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe.√/
- Alukho udweshu oluthinta yena ngqo kule noveli.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.15 2.15.1 Ukuqhamukela kumuntu ungahlosile.√√/Ukufikela kumuntu ungahlosile. √√ (2)

2.15.2 Ukuqamba amanga.√√/Ukukhuluma iphutha. √√ (2)

2.16 **Siyaguquguquka ...**

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Kule noveli isimo senhlalo asisihle ngoba ...

- Esingenisweni kuvela abantu besebenza emapulazini kodwa bengaholi futhi bengakwazi ukuba nomhlaba wabo. √/
- Abakwazi ukusebenzisa umhlaba ukuze bazuze bese bondla imindeni yabo ngakho-ke baba izigqila zabeLungu basemapulazini besebenzela isithupha.√/
- Kuze kudingeke ukuthi beqe epulazini uma befuna ukuhola imali ebhekile njengoba kwenza uManyoba mhla eyofuna umsebenzi eGoli.√/
- Omakoti abasakwazi ukuhlalisana nomamezala kanye nobabezala njengoba uMaNene wayehlukumeza uMaNdlovu.√/
- Izingane azifuni ukondla abazali bazo nakuba sebezifundisile khona ziyobasiza uma sebebadala. Amadodana kaManyoba ayengafuni ukubondla bezihlalelele emzini wabo.√/

Downloaded from Stanmorephysics.com

Kule noveli isimo senhlalo sihle ngoba ...

- Izinsizwa zangakubo kaManyoba zimsiza emva kokweqa kwakhe epulazini.√/
- Ngesikhathi engakawutholi umsebenzi eGoli, zamhlalisa lapho ezazihlala khona ehositela.√/
- Izinsizwa zazizwelana bese ziyafakana uma kunezikhala zomsebenzi.√/
- Izinsizwa zazingenawo umona uma insizwa yangakubo ikhushulelwe esikhundleni emsebenzini.√/
- UManyoba wasebenza, wakwazi ukufundisa izingane zakhe.√/
- Amanye amadoda ayethembekile engayilahli imindeni yawo yize ayesesebenza eGoli.√/
- UManyoba wawina iLotto eyenza ukuba isimo senhlalo ekhaya lakhe sibengcono.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

2.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UManyoba ukhombisa ukubekezela okukhulu endabeni. Ziningi izinkinga abhekana nazo esakhula, esesebenza nalapho esenomndeni. Kukho konke lokhu kuhlupheka akalilahli themba usebenza kanzima. √√/
- Kwaba njalo nangesikhathi esegugile eselahlwa yizingane zakhe ulokhu ebambelele ethembeni njalo nje futhi ugcina ephumelele.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

NOMA

UMBUZO 3

UMSHADO – N Zulu

ISIQESHANA E

3.1 ULindiwe. √ (1)

3.2 Wabona amakopi otshwala ayengesenalutho. √√ (2)

3.3 OKUBILI kwalokhu:

- Othisha abaningi baqala ukumbalekela emva kokuzwa ukuthi uthandana nomfelokazi. √/
- Abanye babekloloda bebhinqa igama lomfelokazi lingaphumi emilonyeni yabo. √/
- Wayecasulwa ukuthi uSfiso umbuza/umtshela izinto ngoTholakele. √ (2)

3.4 Waphupha uyise eza kuye noLindiwe embambe ngesandla. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UBhatomu wayefuna ukungena uTholakele ngenkani. √√/
- UBhatomu wayeyimbangi enkulu kaBhekani. √√/
- Njalo uma behlangana uBhatomu wayelwisa uBhekani. √√/
- UBhekani wayenalo ulwazi lokuthi uBhatomu uyisiqhwaga ngakho-ke wayembona njengomuntu oyingozi empilweni yakhe. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.6 Umoya wokwethuka/wokukhathazeka/wokwesaba√, uBhekani nonina babexakwe yile ndaba yokulahleka kukaLindiwe. Babengazi noma amadoda ayehamba ngemoto ebomvu amyise ekhaya noma amdlwengulile yini maqede amshiya kanjalo ehlathini/ambulala.√ (2)

3.7 Lichaza ukuphenya udaba noma ukwenza imizamo yokuthola ulwazi ngento ebucayi/ukusesha. √√ (2)

3.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi usitshela/usichazela ngenkulumo phakathi kukaBhekani nomama wakhe mayelana nokulahleka kukaLindiwe. √/
- Usitshela/usichazela ngemicabango kaBhekani ngesikhathi esendleleni eya endlini kaTholakele.√/
- Usilandisa/usivezela ngesimo ingaphakathi le ndlu kaTholakele elaliyiso ngesikhathi kufika uBhekani.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9 **Izimpendulo ziyokwehluka.**
Abathi kuyiqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo**:**
- Wabaleka emzini esazilile ngoba engahambisani nesiko lokungenwa.√/
- Waqoma uBhekani esazilile, umuntu owazisayo amasiko esintu wayengeke asenze isenzo esifana nalesi. √/
- Wavumela uBhekani ukuthi amlobole yize wayesazilile. √/
- Ngesikhathi uBhekani emtshela ukuthi ngosuku ayovakasha ngalo kubo kuyomele kushiswe impepho abikwe uTholakele kwabaphansi. √/
- Ngesikhathi uBhekani etshela uTholakele ukuthi kuyomele kushiswe impepho abikwe kwabaphansi, uTholakele waphendula ngokuthi akezwani nezinto zamasiko. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Abathi akulona iqiniso bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayekade ezazi izinto eziphathelene namasiko kodwa engahambisani nokuthi kusetshenziswe isiko ukuze kucindezelwe abantu besifazane. √/
- Wayekuthanda ukulotsholwa njengoba aze watshela uBhekani ukuthi akathumele ilobolo kuZenze. √/
- Bakhona abantu abasebenza imisebenzi lapho khona bengeke bakwazi ukugqoka inzila. Ukungayigqoki kukaTholakele inzila ngendlela, akusho ukuthi wayengezwani namasiko. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.10 **Izimpendulo ziyokwehluka.**
Abathi kwakuyisenzo esingamukelekile bayothi:
Asamukelekile ngoba ...
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayencisha izingane azifundisayo ithuba lokuthola imfundo efana neyazo zonke izingane.√/
- Wayefana nesigebengu esihola imali kahulumeni singasebenzanga ngokwanele nangokuzinikela.√/
- Wayekhombisa ukuzicabangela yena nezidingo zakhe. Wakhohlwa ukunaka izidingo zabafundi bakhe. √/
- Lesi senzo sakhe sasikhombisa ukuthi wayengeyena uthisha wobizo osebenza ngobuqotho nokuzinikela ngaso sonke isikhathi. √/
- Kwakumele aye koqhetha kubo kwesoka lakhe ngesikhathi sakhe angasebenzisi isikhathi sikahulumeni. √/
- Isenzo esifana nalesi esenziwa nguLindiwe siyihlazo kubo bonke othisha. IsiZulu siyasho ukuthi zifa ngamvunye. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Abathi kwakuyisenzo esamukelekile bayothi:
Samukelekile ngoba ...
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayekade azi ukuthi uphambili ngomsebenzi wakhe ngakho-ke zazingeke izingane zisalele emuva emsebenzini wazo wesikole. √/
- Wayebona ukuthi makalungise izinkinga zakhe ukuze zinciphe noma ziphele. Lokhu kwakuzomenza akwazi ukusebenza ngaphandle kokukhathazeka. √/
- Abasebenzi banalo ilungelo lokuthatha izinsuku ezithile zomhlabakhefu wokugula ngokomphefumulo noma ngokomzimba. √/
- Wayenza imizamo yokuthi impilo yabo noBhekani ihleleke futhi ibuyele esimweni esijwayelekile. √/
- Othisha nabo bangabantu ngakho-ke banesidingo sokuthandwa njengawo wonke umuntu. Lesi sidingo asikwazi ukulinda. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA F

3.11 Wakhumbula ukuthi konje ufike ahluleke ukubuza uTholi izinto asuke ezizwe ngabantu noma ngomama wakhe. √ (1)

3.12 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umama kaBhekani umtshela ukuthi ayikho into angabe esayenza manje ukugwema ukushada nomfelokazi onguTholakele. √/
- Umyalela ukuba atshele umfelokazi onguTholakele ahlukane nayo yonke le mikhuba ayigilayo uma efuna ukuzogana kwakhe. √/
- Uma uTholakele eqhubeka nokwenza izinto ezingafanele, uyosonteka intamo afe uhlangothi.√/
- Umama kaBhekani uthi uma idlozi limcasukele ngempela uTholakele ngeke bashade.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.13 Bobabili abamnikezanga uBhekani impendulo ngoba...
- Kwakubonakala sengathi kukhona abakufihlayo abangafuni ukukutshela uBhekani. √√/
- USifiso wathi akazi ukuthi uTholakele wabe ephethwe yini. Unesi yena wabika ukuthi kusahlolwa abakabi nolwazi oluphelele. √√ (2)

3.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNesi lincane iqhaza alibambile kule noveli. √/
- Uvela ngenxa yesimo sokuthi uTholakele walaliswa esibhedlela emva kokudla izidakamizwa ngokweqile. √/
- Indaba ibingaqhubeka ngaphandle kwakhe.√/
- Alukho udweshu oluthinta yena ngqo kule noveli.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.15 3.15.1 Ukuhlebela umuntu indaba/ Ukumxwayisa ngesimo esithize alengela kuso.√√ (2)

3.15.2 Ukumangala ukhungatheke ungazi ukuthi uzophendula uthini/ ukungakholwa into oyizwayo√√ (2)

3.16 **Siyaguquguquka ...**
Kule noveli isimo senhlalo asisihle ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kutholakala abalingiswa abahlala eNyawushane okuyindawo enobugebengu obehlukahlukene.√/
- Uma abantu behamba ebusuku kule ndawo, bahamba ngokwesaba ngenxa yobugebengu njengoba uBhekani ahlaselwa abantu ebusuku. √/
- OTholakele noPamella babedayisa izidakamizwa. √/
- OTholakele noPamela babeqola abantu imali njengoba benza kuBhekani behlangene noZenze. √/
- Kwakunezinkulumo zokuthi kukhona imoto ebomvu ethatha amantombazane ayodlwengulwa bese eyabulawa. √

Kule noveli isimo senhlalo sihle ngoba...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Omakhelwane bakaTholakele beza ukuzolamula ngesikhathi kulwa uBhekani noBhatomu. √/
- Kukhona abantu abanobungane beqiniso kule ndawo njengoba uSifiso wayemxwayisa aphinde ameluleke umngane wakhe uBhekani. √/
- Abantu basakwazi ukumela iqiniso njengoba umalume kaBhekani wazikhipha ezindabeni zamalobolo ngenxa yokuthi wayengahambisani nesinqumo sikaBhekani. √/
- Amaphoyisa akule ndawo asebenza ngokuzimisela nangokuzikhandla ngoba akwazi ukubamba izigilamkhuba ekugcineni. √/
- Abazali basakwazi ukuqikelela izinto eziphathelene namasiko kanye nosikompilo njengoba umama kaBhekani wayezimisele ukufundisa indodana yakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.17 Umbhali uphumelele ukuveza uBhekani njengomlingiswa ongakwazi ukulawula imizwa yakhe yothando/yenkanuko.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UBhekani bamxwayisa bonke abantu ababesondelene naye ngemikhuba eyayenziwa nguTholakele kodwa yena wayevele abatshele ukuthi akakwazi ukunqamula uthando lwakhe noTholakele.√√/
- Kwathi noma esezibonele uTholakele emuncana noPamella amabele waqhubeka yena nokuthandana noTholi. √√/
- Nephupho likababa wakhe osewashona lalikucacisa ukuthi akahambisani nokuthi indodana yakhe ithandane nomfelokazi. Yize kunjalo yena waqhubeka nokuthandana noTholi.√√/
- UBhekani wayeshiya uLindiwe endlini ahambe aye kuTholi.√√/
- UBhekani uzisholo yena ukuthi wayemhalela uTholakele okukhombisa ukuthi wayelawulwa inkanuko.√√/
- UBhekani wayethanda ukuthi uma behleli noTholakele abuke amathanga akhe uTholakele. √√/
- UBhekani wayethi uma behleli noTholakele ahluleke ukuzibamba bese beyagonana.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

ISIQESHANA G

4.1 Inkulungwane yamarandi.√/R1000.00√ (1)

4.2 Wenziwa ukuthi akamhloniphi ubiza imihlangano engamtshelanga.√ (1)

4.3 NguMaShezi √
Nguyena owaya enkosikazini uShandu uMaNgema, eyomnxusa ukuba babonise abayeni babo ukuba baqede udlame endaweni.√ (2)

4.4 UMbandlwa ngamsikaza ngenduku maqede yena wagxuma wazishayisa echosheni lobonda lwekilasi.√√ (2)

4.5 Wayesaba ukuthi izinkomo zizolimala izinselo uma zihamba etiyeleni.√√ (2)

4.6 C√/Isimo sokuxabanisa√ (1)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukungaceli kukaDuma imvume yokwenza izinto endaweni. √√/
- Ukubamba umhlangano nokufaka izaziso zomhlangano ngaphandle kwemvume.√√ (2)

4.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

Inkosi uShandu ingumuntu ...

- **ongabahloniphi abanye** abantu ngoba ubiza uMbandlwa **ngesilima**. √√/
- **obukela phansi abantu** abangenazo izikhundla ababekwe kuzo ngokwenqubo yobukhosi bendabuko ngoba ubiza uDuma ngo**mfokazana** okukhombisa ukumedelela. √√/
- **osaba ukulahlekelwa amandla** akhe, funa ukubambelela kulokhu okudala akujwayele. Ubiza umzabalazo **ngedungabantu** okukhombisa ukuthi akahambisani nabantu ababelwela umzabalazo. √√/
- **akayilaleli imibono emisha** eqhamuka nabanye abantu. Akamsoli uDlamini **ngokushaya** uMbandlwa owayenemibono kwezombusazwe eyehlukile kuneyabo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.9 Wayeboshelwe ukushaya uMbandlwa ngesikhathi kunomhlangano esikoleni owawubizwe nguDuma, ikhansela.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.10 **Abathi kwakuyisenzo esihlakaniphile bayothi yebo:**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayephephisa impilo yakhe kulabo ababefuna ukumbulala.√/
- Ayikho enye indawo ayengabalekela kuyona ngaphandle kwasesiteshini samaphoyisa. √/
- Babazana nosayitsheni ngakho-ke kwakulula ukuba akhulumisane naye ngenkinga esivelile.√/
- Wayeseke wasebenzisana namaphoyisa ngaphambilini ngakho-ke ayekuqonda kahle okwakwenzeka emphakathini. √

NOMA

Abathi kwakuyisenzo esingahlakaniphile bayothi cha:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UDuma nguyena owayeyisisusa sodlame endaweni ngokungathathisi enkosini.√/
- Akakhombisanga ukuba ngumholi oqotho ngoba waqhatha abantu wayesebaleka yena eseya emaphoyiseni. √/
- Kwasekusele yena kuphela endaweni ongumholi inkosi uShandu isesibhedlela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.11 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwakufanele achazele amakhosi nemikhandlu yawo ukuthi yini umbuso wentando yeningi.√/
- Kwakufanele uHulumeni ahlanganise iNkosi uShandu neKhansela uDuma kuqala.√/
- Kwakufanele ethule izinhlelo nezindlela okwakuzolethwa ngazo intuthuko endaweni.√/
- Kwakufanele kuchazwe iqhaza elalizobanjwa yikhansela kanye nenkosi ekuletheni intuthuko endaweni yasemakhaya ukuze bakwazi ukusebenzisana kahle. √/
- Kwakufanele ahlele umhlangano lapho okwakuzokwethulwa khona zonke izinhlelo zentuthuko neqhaza okumele libanjwe umphakathi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA H

4.12 Kwamnika ithemba ukuthi isikhulu soMnyango wezeNdabuko sathembisa ngokuthi sizobikela abenhlangano yakhe uDuma emazingeni aphezulu.√ (1)

4.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukuvikela amalungelo abantu.√√/
- Kufanele umuntu alifune ilungelo lakhe bese enikeza abanye abantu ilungelo.√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Waphathwa yisiyezi, wawa. √/
- Waphuthunyiswa esibhedlela kwatholakala ukuthi uphethwe isifo senhliziyo.√/
- Walaliswa esibhedlela.√ (2)

4.15 Umqhathi kulo mdlalo izinguquko kwezombusazwe√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Lezi zinguquko zidala ukushayisana phakathi kwabaholi endaweni kanye nabalandeli babo.√/
- Akekho ofuna ukuzehlisa noma ukwehlela ngezansi√/
- Kuba khona ukushayisana phakathi kwezokubusa kwendabuko kanye nokubusa kwentando yeningi.√/
- Abaholi bavuma ukulawulwa ngamashoshozela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Umqhathi kulo mdlalo uMbandlwa√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMbandlwa wayehlohla uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi. √/
- Babenza imihlangano endaweni yenkosi ngaphandle kokuyazisa. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

Umqhathi kulo mdlalo uDlamini√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayegqugquzela ukungezwani phakathi kwenkosi noDuma. √/
- Washaya uMbandlwa ngesikhathi kade kunomhlangano esikoleni. Lesi senzo sakhe sadala ukuthi kubhebhetheke udlame kule ndawo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

4.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkosi uShandu benekhansela uDuma, bahlala endaweni eyodwa lapho bebiza khona imihlangano.√/
- UDuma umemezela ngombhobho khona endaweni yenkosi, lokhu kwenza ukuba kube nokushayisana phakathi kukaDuma noDlamini induna yenkosi.√/
- Umhlangano owawubizwe nguDuma wawusesikoleni eNdabuzekwayo esisendaweni yenkosi uShandu.√/
- Izaziso zazichonywa khona endaweni ababehlala kuyo oDuma noShandu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.17 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Inkinga eyethulwa esingenisweni **ukushayisana kwezindlela zokubusa endaweni**. √
Le nkinga yaxazululwa ngalezi zindlela:
- Kwaba ukufundwa kwencwadi eyeyibhalwe yinkosi uShandu ifundwa uMfundisi uMazongolo.√/
- Baxolelana abantu ngenxa yokuthi abaholi base bethelelene amanzi.√/
- Kwaba khona ukuhloniphana kwanqamuka nodlame endaweni.√/
- UMaNgema noMaShezi bahlangana baxoxisana /babonisana nabayeni babo. Bavimba ukuchitheka kwegazi.√ (2)

4.18 **Yimbangalusizi**√/**Imelodrama**√ ngoba:
- Kunokungqubuzana kwemibono.√/
- Kubangwa amandla okuphatha phakathi kwenkosi nekhansela.√/
- Abantu bayahlaselana endaweni.√/
- Kuze kuphume imiphefumulo esizweni senkosi.√ (2)

4.19 Imibono iyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abathi wayeyogculiseka bayothi yebo:
- Wayengeke akujabulele ukufa kwabantu endaweni.√/
- Ukuqhubeka kwempi kwakuzobeka impilo yakhe nekaDuma engcupheni.√/
- Ukuqhubeka kwempi kwakuzomisa izinhlelo zentuthuko endaweni.√/
- Inhlangano yabo yayingagcina ibakhiphile ezikhundleni uma kutholakala ukuthi yibona abaqhatha abantu endaweni. √

NOMA

Abathi wayengeke agculiseke bayothi cha:
- UMbandlwa wayemzonda uDlamini nenkosi uShandu, ngakho-ke wayengeke asijabulele isixazululo sokuthi inkosi isebenzisane noDuma.√/
- UMbandlwa naye wayefuna ukuba nesikhundla ukuze ahlonipheke naye emphakathini ngakho-ke ukusebenzisana kwenkosi noDuma kwakuzomnciphisela amathuba. √/
- Wayekholelwa ukuthi uDuma ungcono kunenkosi ngoba yena wakhethwa ngabantu, ngakho-ke ukusebenzisana kwakhe nenkosi kwakuzobe kungukuzehlisa.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

NOMA

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele

ISIQESHANA I

5.1 Imali amkweleta yona.√ (1)

5.2 Yingoba wayesebonile ukuthi kuza uMbhele.√ (1)

5.3 NguDlamini/ubaba wakwamakhelwane. √
Kwavela ngesikhathi uSonto exoxela uMaMkhize emvakashele ejele.√ (2)

5.4 Okukodwa kwalokhu:
- Ngizokunikeza enginayo, engingenayo anginayo.√√/
- Lalela la! Wena sigebengu ndini ngizokunika imali yakho bese uyaphuma uphele empilweni yami.√√/
- Uma uphuma lapha uhlukane nokuphatha isibhamu ngesandla ngoba uzozixabanisa nami. √√ (2)

5.5 Babenenkinga eyayivimba ukuthi bahlanganyele esontweni.√√ (2)

5.6 C√/Ukuphindela emuva√ (1)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto waya kummeli uNtshangase eyobheka izimali zamafa omyeni wakhe, wafika wathola ukuthi uMbhele washiya esefake umbandela wokuthi angathintwa amafa akhe engakatholakali umbulali.√√/
- Ukufika kukaMthofi noToronto kwaSonto ebusuku bedakiwe bezofuna imali yabo.√√ (2)

5.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMthofi **akahloniphi** futhi **uyedelela** ngendlela akhuluma ngayo noSonto. UMthofi **ubiza uSonto ngodoti**. √√/
- **Unesihluku** esimenza angasabi ukuzwisa umuntu ubuhlungu enyameni. Uthi **uzombhodloza isifuba** okukhombisa ukuthi unodlame √√/
- **Unesibindi** sokungena emizini yabantu emini ka bha bese ebathembisa ukubabulala. Uthi **uyafa namuhla** uSonto okungukumsongela.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

5.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayeboshelwe ukubulala unkosikazi kaMbhele uMaNtuli. √√/
- Wayeboshelwe ukubulala uMbhele. √√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.10 **Abathi kwakuyisenzo esihlakaniphile bayothi yebo:**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakungenzeka ukuthi isonto asonta kulo alibavumeli ukuba abafundisi bashade.√/
- Indawo ayanele ukuhlala nomndeni.√/
- Kwakungenzeka ukuba wayengakuthandi ukuba nomuntu azohlala naye.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Abathi kwakuyisenzo esingahlakaniphile bayothi cha:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Akuphephile ukuba umfundisi ahlale yedwa ngoba sebubuningi ubugebengu bokuhlaselwa.√/
- Kungenzeka ahlushwe ngabantu bemcela indawo yokuhlala. √/
- Kwakungenzeka ahlushwe abantu besifazane bemheha befuna ashade nabo ukuze babe ngomama bebandla. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.11 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Wayengaya koyiboleka ezindaweni ezibolekisa ngemali noma kubantu abaziyo. √/
- Wayengaya kofuna umsebenzi ukuze athole imali.√/
- Wayengakhuluma nabomndeni wakhe bamelekelele.√/
- Wayengacela ukuyosebenza emabhizinisini omyeni wakhe athole imali.√/
- Wayengayofundela umsebenzi wamakhono athile ukuze agcine esezisebenza.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

KANYE

ISIQESHANA J

5.12 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayefuna ukuthi uMaMkhize azi kahle ukuthi kwenzakalani ngoSonto. √/
- UMaMkhize wayelokhu ebuza ukuthi ngobani laba ayekhuluma nabo ngaphandle uSonto.√ (1)

5.13 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuboshwa kukaSonto ngobugebengu bakhe obuningi.√√/
- Ukulandela kahle umkhondo kukaNhleko aze athole wonke amaqiniso okufa kukaMaNtuli, umfundisi noMbhele.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

5.14 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wagcina esehlala nogogo wakhe emakhaya.√/
- Washintsha isikole ayefunda kuso.√/
- Akabange esalithola ithuba lokuhlala/lokukhuliswa ngabazali bakhe.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.15 Umqhathi kulo mdlalo isimo sokuthanda imali ngokweqile.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USonto wathi ufuna uMthofi ayombulalela uMaNtuli ngoba efuna ukuyongena emafutheni/emalini.√/
- USonto wakha icebo lokuthi kubulawe uMbhele ngenxa yokuthanda imali.√ (2)

5.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Izigameko ezenzeka lapho kuhlala khona uSonto edolobheni:

- UMaNtuli ubulawela kuyo le ndawo ebulawa ngoMthofi noToronto.√/
- USonto wenza ubugebengu njengokuhlangana nezigebengu emzini wakhe uma uMbhele engekho.√/
- uMbhele wabulawa eya edolobheni.√

Izigameko ezenzeka emakhaya lapho kuhlala khona uMaMkhize:

- UNhleko wafika ezobuza uMaMkhize ngokuvakasha kukaSonto ngobusuku okwashona ngalo uMfundisi. √
- USonto wafika ebusuku emzini kamama wakhe ezoshiya uZinhle.√
- UNhleko wabopha uSonto esathi uyaphuma emzini kamama wakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

5.17 Inkinga eyethulwa umbhali ekaMthofi ezobelesela imali yakhe kuSonto.√/

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Le nkinga ayixazululekanga ngoba uSonto akazange abe nayo imali yokukhokhela izigebengu. √/
- Imali ayeseyitholile uSonto wayithatha uDlamini. √/
- USonto akayitholanga imali yefa lomyeni wakhe. √/
- USonto ugcina eboshiwe ngenxa yamacala akhe awenza.√/
- uMthofi noThoronto bayaboshwa kanye naye uSonto emveni kokukhipha amaqiniso ngobugebengu bazo noSonto.√ (2)

5.18 **Yimbangalusizi** √/**Imelodrama** √ ngoba:
- Umdlalo uqala kubulewe uMaNtuli ebulawa yizigebengu ezazithengwe nguSonto.√/
- Kuvela uSonto esongelwa yizigebengu ezabulala uMaNtuli zifuna imali yazo.√/
- USonto udubula umfundisi ukuze athole yonke imali yomnikelo abese ekhokhela izigebengu imali yazo.√/
- USonto uphinde ahlele nezigebengu ukuthi kubulawe uMbhele ukuze athole imali yamafa.√/
- Emva kokufa kukaMbhele izigebengu noSonto bayaboshwa bese kuphuma wonke amaqiniso.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.19 Imibono iyokwehluka:
Abathi wayeyogculiseka uMbhele bayothi yebo
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayeyokujabulela ukuthi bagcine betholakele ababulali benkosikazi yakhe.√/
- Wayeyokujabulela nokuthi bathole isijeziso esibafanele.√/
- Wayeyokujabulele ukuthi uMaNsibande wagcina ephume phambili ecaleni lokubulawa koMfundisi.√/
- Wayeyokujabula nangokuvela obala kwenyoka enguSonto abe ehlezi nayo.√

NOMA

Abathi wayengeke agculiseke uMbhele bayothi cha:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kwakuzovela ukuthi wayethandana noSonto esashade noMaNtuli. √/
- Ukuboshwa kukaSonto kwakuzokwenza uZinhle asale engenamzali ozomnakekela. √/
- Ukuboshwa kukaSonto kwakuzothela umndeni wakhe ngehlazo njengomuntu owayaziwa engusomabhizinisi endaweni.√/
- Umndeni wawuzohlukana phakathi kanti wayengumuntu osebenze kanzima ukufika lapho ekhona. √/
- Wayezozisola yena ngokuletha inyoka emndenini wakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

NOMA

UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

ISIQESHANA K

6.1 NguDumisani√ (1)

6.2 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Yingoba wayeshonelwe ngumuntu ayeze ngaye.√/
- Wathi usemncane yena.√/
- Yingoba washonelwa umyeni esemncane.√ (1)

6.3 NguNondumiso√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Nguyena owaya kwaZungu wathi uyokhuluma udaba lukaThenjiwe.√/
- Waxabana nobaba wakhe bebanga le ndaba.√ (2)

6.4 Isibonelo ESISODWA kwezilandelayo:
- Uma engeshela nje ngiyomkhombisa ikheli. √/
- Ngimbuze ukuthi ungithanda manini nje. √/
- Uma enganakile futhi siyodumelana kube kuncane indawo. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayethi uDumisani mncane kunaye.√√/
- Abantu bazothi wayevele emthanda kwasekuqaleni.√√/
- Wayengahambisani nesiko lokungenwa.√√/
- Wayenenkolelo yokuthi umuntu kumele azikhethele umuntu azothandana naye.√√ (2)

6.6 C√/Umuntu osafunda into.√ (1)

6.7 UThenjiwe wabanjwa ezama ukufakela uDumisani ushevu.√√ (2)

6.8 UMaMbatha ungumuntu ...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- **Ozicabangela yena** kuphela. uthi **siningi isikhathi asazosihlala noThenjiwe.**√√/
- **Ongundlovu kayiphikiswa** ngokuthathela uThenjiwe izinqumo. Uthi **umakoti akashiyi emzini.**√√/
- **Ongenalo uzwelo** ngesimo uThenjiwe abhekene naso. Umbuza ukuthi **angeke yini esakwazi ukuhlala nabo**. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

6.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- USipho wayeboshelwe ukugwaza uDumisani.√√/
- Wonisa UThenjiwe emzini futhi umenza abe nenkani.√√ (2)

6.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

Abathi kwakuyisenzo esihlakaniphile bayothi yebo:
- Kwakufanele ngoba kwakugcinwa isiko.√/
- AbakwaZungu babekhalela izinkomo zabo.√/
- Endaweni kuyisiko elaziwayo/elenziwayo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Abathi kwakuyisenzo esingahlakaniphile bayothi cha:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Isiko lisebenza kahle uma lingaphoqwa lamukeleke nhlangothi zonke.√/
- Sesiphila esikhathini samalungelo, ukuphoqelela umuntu akusahambisani noMthethosisekelo. √/
- Kwakufanele uThenjiwe anikwe ithuba lokuzikhethela loyo azomthanda yena. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.11 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo
- Kwakufanele alamule.√/
- Akhulume noDumisani ukuthi angambambi umuntu wesimame ngenkani.√/
- Kwakufanele acele nabantu ababesesitolo bamlekelele kuvinjwe uDumisani angabambi uThenjiwe ngenkani.√/
- Kwakufanele ehlele ngezansi yena angabi nodlame.√/
- Abize amaphoyisa ukuthi azobopha uDumisani ngokushaya uThenjiwe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

KANYE

ISIQESHANA L

6.12 Kwakuwumngani wakhe omkhulu nokuthi wayemduduza uma ekhumbule uSkhumbuzo√√ (1)

6.13 OKUKODWA kwalokhu:
- UThenjiwe noDumisani bagcina beshadile. √√/
- Imindeni yomibili yakujabulela okwakwenzeka phakathi kwabantwana bayo.√√ (2)

6.14
- UMondise wamphoxa uNondumiso wamthethisa phambi komyeni wakhe. √
- Wathi angaphindi alubeke emzini wakhe.√ (2)

6.15 Umqhathi kulo mdlalo isiko.√
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UThenjiwe wayehlezi kahle noMaMbatha kungakakhulunywa ngesiko lokungenwa.√/
- Konakala emveni kokuba kukhulunywe ngesiko lokungenwa lapho aqala khona ukungahloniphi abasemzini. √ (2)

6.16 Izigameko zenzeka ezindaweni ezahlukene zasemakhaya ngoba...

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UThenjiwe noNondumiso bagane endaweni yangakubo.√/
- KwaZungu akuqhelelene nakwaMondise kuyahambeka ngezinyawo.√/
- Kulula ukuthi uNondumiso aye kudadewabo kwaZungu.√/
- USipho noDumisani balwela esitolo esingakubo kaThenjiwe. √/
- UThenjiwe wafakela uDumisani ushevu etiyeni esekhishini lakwaZungu√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

6.17 Inkinga eyethulwa umbhali kulo mdlalo eyesiko uThenjiwe angezwani nalo.√

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Emva kokuba uThenjiwe eshonelwe umyeni wakhe, abakwaZungu babefuna ukuthi angenwe uDumisani.√/
- UThenjiwe wagcina evumile ukugana uDumisani.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.18 **Yimbangalusizi**√/**Imelodrama** √ ngoba:
- Kushona uSikhumbuzo indaba isaqala. √/
- Ukugwazwa kukaDumisani egwazwa nguSipho. √/
- UThenjiwe uzama ukubulala uDumisani ngoshevu awufaka etiyeni.√ (2)

6.19 Imibono iyokwehluka:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Abathi wayeyogculiseka bayothi yebo
- Wayezomjabulela umngani wakhe uma ekugcineni sekuze kwakhona ukuthula emzini.√/
- Wayezomeseka uma eshintsha umqondo egcina egana uDumisani.√/
- Kwakuyomjabulisa ukubona umngani wakhe ejabule emveni kokudlula esimeni sokushonelwa ngoba njengomuntu owayekhulele emakhaya, wayeliqonda isiko lokungenwa √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi)

NOMA

Abathi wayengeke agculiseke bayothi cha:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Nakuba wayengumngani kaThenjiwe, kungenzeka ukuba wayemthanda.√/
- Wayengeke agculiseke ngoba babesabisa uThenjiwe ngejele.√/
- Yize uSipho ayelazi isiko, wayengahambisani nalo, wayebona ukuthi uThenjiwe kuhle azikhethele umuntu amthandayo.√/
- Wayezocasulwa amandla nobuqili obasetshenziswa umndeni wakwaZungu ukuphoqelela uThenjiwe ngesiko.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 7

7.1 Imfihlo Kamakoti: MT Mkhize

ISIQESHANA M

7.1.1 KuseSeventini √ (1)

7.1.2 Yingoba baningi befika bembikela ngokuthi babona indodakazi yakhe.√ (1)

7.1.3 '… ingane yami yabe ikuthanda ukuzula ngezinto ezihambayo engangoba yaze yafela khona emakhumbini …'√ (1)

7.1.4 URebecca wahamba noRoy wayomkhombisa lapho ayegqibe khona imali.√√ (2)

7.1.5 Umbhali usivezela ukuthi uRebecca wagcina esegwazwe ngamanye amantombazane ngenxa yokuthanda izinto zokuhamba nakuba ayesexwayiswe kaningi ngunina.√√ (2)

7.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
Udweshu lwangaphakathi siluthola lapho uRoy ...

- ekhombisa ukukhathazeka ngokufisa ukuganwa, kodwa engenayo imali ngoba wayesanda kwenza isehlukaniso/divosa. √/
- ecabanga ngamagama azomehlula ngawo uRebecca uma esemcela ukuthi amgane. √/
- ezicabangela ngokuthi uRebecca uyozwana noMaKhulu uma esengumakoti wakhe.√/
- eshaywa uvalo khona uma esebona uRebecca okwesibili esiteshini ecabanga ukumbalekela wabuye wazikhuza. √ (2)

7.1.7 Isingeniso siyayilandela imigomo ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- URoy ongumlingiswa omkhulu uvela esingenisweni.√/
- Inkinga abhekene nayo iyavela esingenisweni yokuthi unina usemdala sekuyamphoqa uRoy ukuthi makathathe √/
- Siqoqekile isingeniso sendaba asinkanti.√ (2)

7.1.8 Ukukhala kakhulu√√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.1.9 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyobatshela iqiniso ngengane yami engasekho.√/
- Ngangiyobonana nabathandazi bangikhulekise.√/
- Ngangiyocela usizo lwezinyanga zingisize ukuvala umoya womuntu ongasekho.√/
- Ngangiyocela izeluleko kulabo bantu abaziyo isimo esinjengalesi ukuthi senziwa njani.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

7.1.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

Abazwelana naye bayothi:

Ngiyazwelana naye ngoba:

- URoy wayethi usiza umuntu wesifazane ohlwelwe ebusuku, engazi ukuthi kanti sekuwukuqala kwenkinga yakhe.√√/
- Wayengeke esaba nakho ukukhululeka empilweni ngenxa yemibandela yale mali ayebekelwe yona. √√/
- Kwakungaselula ukuthi azwane nomunye umuntu wesifazane ayezogcina eshade naye. √√/
- Inkinga yakhe yokufuna ukulekelela umama wakhe yagcina ingaxazululekanga.√√

NOMA

Abangazwelani naye bayothi:

Angizwelani naye ngoba:

- Kwakungalungile ukuhamba egibelisa abantu angabazi ebusuku. √√/
- Wahlulwa ukuzibamba ngenxa yokuhehwa intokazi enhle engakayazi kahle esayibone kanye. √√/
- Wayejatshuliswa ukuthi akulotsholwa kubokaRebecca. √√/
- Wayethanda izinto ezisheshayo futhi zamahhala. √√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

KANYE

7.2 **Ilobolo – Sicelo Zimema**

ISIQESHANA N

7.2.1 Ngunina/ngumama kaMandlenkosi.√ (1)

7.2.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo

- Wamtshela ukuthi ufuna amelekele ukufihla indodakazi yakhe.√/
- Wamtshela ngokuhlupheka kwakhe. √/
- Wamtshela ukuthi akanayo imali eyenele ngenxa yokuthi wadilizwa emsebenzini.√/
- Wayemtshela ukuthi wethembele kuyena njengomkhwenyana wakwakhe. √

(2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.3 Yingoba wayeselobolile kepha umkhwe wakhe wagodla ilobolo kanye nomakoti.√/
Waze wagodla nosuku lomshado.√ (2)

7.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMandlenkosi wathola ucingo oluvela kumkhwe wakhe emcela ukuba amsize ukungcwaba indodakazi yakhe.√/
- UMandlenkosi wacasuka kakhulu wangamthembisa lutho umkhwe wakhe ngoba ethi wamnika ilobolo.√/
- Wakhala ngokuthi wakhipha ilobolo kodwa wagcina engashadiswanga ngenxa yokuqinisa ikhanda komukhwe wakhe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.5 Imoto ababehamba ngayo yangena enhlekeleleni yengozi.√√ (2)

7.2.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

Abathi ilobolo lisabalulekile bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ilobolo liyingxenye yesiko, ngakho-ke akumele linyathelwe ngezinyawo.√/
- Inhloso yelobolo ukwakha ubuhlobo phakathi kwemindeni emibili.√/
- Asikho isidingo sokuliyeka uma lenziwa ngendlela engenayo inhloso yokuzicebisa.√/
- Ngokwesintu umkhwenyana uhlonishwa ngokwezinkomo zamalobolo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

NOMA

Abathi ilobolo alisabalulekile bayothi:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Alisayifezi inhloso yokuhlanganisa imindeni, abantu bayahlukanisa esikhathini samanje.√/
- Abantu sebelisebenzisa kabi bazicebise bona kube sengathi ingane yabo bayayidayisa.√/
- Lenza ukuthi abantu besilisa bazibone bengcono kunabesifazane ngoba bazi ukuthi yibona abakhokha ilobolo.√/
- Abanye besilisa bagcina sebehlukumeza abantu besifazane ngoba bethi babakhokhele ilobolo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Le ndaba ikhuluma ngomlingiswa onguMandlenkosi owagcina engaqedanga ukukhokha ilobolo kodwa ejahe ukushada.√/
- Umukhwe kaMandlenkosi akazange avume ukuba uMandlenkosi ashade nendodakazi yakhe engakaqedi ukukhokha ilobolo.√/
- Ilobolo liyingxenye ebalulekile esikweni lesintu.√/
- Usifundisa ukuthi kufanele abantu besilisa babeke imali eyanele uma befuna ukulobola bashadiswe ngempumelelo.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ufuna ukusikhombisa ukuthi akusibo bonke abantu besilisa abangavuma ukuhlukunyezwa emakhweni abo.√/
- Ukuhlukumezeka kuyenzeka kudalwe abasekhweni uma umkhwenyana elungile bese kumenza agcine eba nolaka.√/
- Abanye abantu besilisa njengomukhwe kaMandlenkosi bangogombela kwesakhe, kanti ilobolo lisuke likhishelwa ukwakha ubuhlobo.√/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

7.2.9 Izimpendulo ziyokwehluka

Abavumayo bayothi: Samukelekile ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umuntu wesilisa kufanele akhokhe ilobolo elizogculisa umukhwe wakhe lelo abasuke bevumelene ngalo ukuze ashadiswe naloyo amthandayo.√/
- Ayikho into eyayimphoqa ukuthi avume nosuku lomshado, kwakumele kuvunyelwane njengemindeni.√/
- Abanye obaba banemithetho eqinile emizini yabo abafuna ihlonishwe.√/
- Abanye obaba abafuni ukulawulwa emizini yabo, bafuna kugcine izwi labo.√

NOMA

Abaphikayo bayothi: Asamukelekile ngoba:

- Kwakufanele acabangele indodakazi yakhe ngoba kukhona okwase kukhishiwe kuyingxenye yelobolo.√/
- Umkhwenyana wayesengaqedela noma sebehlala ndawonye.√/
- Abazali akumele bavimbe injabulo yezingane zabo zamantombazane uma sezikhulile sezilotsholiwe.√/
- Ngokwesiko umuntu wesifazane akaqedwa ukulotsholwa ngoba umkhwenyana isigodo sokuqhuzula. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

UMBUZO 8

8.1 **UNGUMZALI ONJANI – LMMS Madondo**

8.1.1 Igazi lakhe/Izingane zakhe√ (1)

8.1.2 Iwisa√
Isihlangu√ (2)

8.1.3 OKUBILI kwalokhu:
- Akawasingathi amachwane akhe. √/
- Akawafaki endleleni.√/
- Akawakhuseli/akawavikeli ezivunguvungwini.√ (2)

8.1.4 Evikelekile√/ephephile√ (1)

8.1.5 **A**hlabane ngaso imizuzwana√
Asitshinge phezulu.√
Imvumelwano siqalo√

Amamaki azokwabiwa ngale ndlela elandelayo:
- Imaki lokuqala elokukhipha imisho yomibili.
- Imaki lesibili elokudwebela imvumelwano siqalo.
- Imaki lesithathu elokubhala uhlobo lwemvumelwano. (3)

8.1.6 Umbuzombumbulu√√ (2)

8.1.7 Adle asuthe kakhulu./Adle aze azenelise.√√ (2)

8.1.8 OKUBILI kwalokhu:
- Kungabikwa kwabomndeni.√/
- Kungabikelwa osonhlalakahle.√/
- Kungakhulunywa naloyo ahlekisana naye ameluleke.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.1.9 Umbhali ubedlulisa umyalezo othi akusona isenzo esincomekayo ukuthi umzali alahle izingane zakhe.√

Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Izingane aziyitholi imfundiso uma zingahlali nomzali wazo.√/
- Kungumsebenzi wabazali ukunakekela izingane zabo ukuze zizizwe ziphephile. √/
- Izingane uma zingenaye umzali eduzane ziyalamba lokhu kungenza ukuthi zigcine sezintshontsha emzini yabantu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (3)

KANYE

Downloaded from Stanmorephysics.com

8.2 ***INHLANSI YAKHO THULI* – SB Mlambo**

8.2.1 Ngisathwayiza√/Ukuthwayiza√ (1)

8.2.2 Ukushiywa nguNontando√ (1)

8.2.3 Ngasondela, ngakubona ucwebezela√√ (2)

8.2.4 A√/Waqala washela √ (1)

8.2.5
- Wamthanda kakhulu lwaya ngokuya lukhula uthando.√/
- Wathi uyaziba lwanganqandeka lwakhula kakhulu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.) (2)

8.2.6 Ukuxhumana siqalo√

Ngakubona buqamama √
Ngakubona uyinhlansana √

Ukuxhumana okutshekile/okuyingxemu/okutshekele esandleni sokudla√

Ngakubona uyinhlansana. √
Ngasondela, **ngakubona** ucwebezela. √

Amamaki azokwabiwa ngale ndlela elandelayo:
- Imaki lokuqala elokukhipha imisho yomibili.
- Imaki lesibili elokudwebela ukuxhumana.
- Imaki lesithathu elokubhala uhlobo lokuxhumana. (3)

8.2.7 Yokhela, yalanguz' ilangabi.√
Ngaziba, lakhula ilangabi.√ (2)

8.2.8 **Ukunyamezela** kwangiphika.√
Ukubekezela kwanyamalala.√ (2)

8.2.9 Yebo ngiyavumelana, inomoya oxubile wothando nosizi: √

- Ngasekuqaleni kwenkondlo, imbongi iyabalisa ngokushiywa nguNontando dengwane. Iyakhala ngenxa yosizi neminjunju yokwaliwa. √/
- Uma siqhubeka nokuyifunda inkondlo, imbongi ithobeka amanxeba ngokuthola uthando olusha kuThuli. √ (3)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70